



Umfundisi OnobuKhosi uChing Hai
Ithuba LokuKhanyiselwa Masishane
Ibhuku eliyiSampula Elingakhokhelwa

OKUPHAKATHI

Isingeniso.....	4
Umlando oMfishane ngeMpilo yoMfundisi onobuKhosi uChing Hai	9
IziMfihlakalo zoMhlaba oKwelizayo	12
Intshumaleyo yoMfundisi oPhakeme uChing Hai kuNhlango yeZizwe eZihlangene eDolobheni laseNew York ngomhla ka 26 kuJune, 1992	
Ukugcotsha : Ngendlela yeQuan Yin	69
ImiYalo eyisiHlanu	72
Kufanele Ngani Ukuthi Abantu badle Izitshalo.....	74
IMpilo noKondleka koMzimba	75
IMvelo noBunjalo beNdawo	
Indlala eMhlabeni Wonke	
Ukuhlukumezeka KweZilwane	83
Umbutho waBangwele kanye naBanye	
uMfundisi uPhendula iMibuzo	87
Izincwadi eZikhishiwe	102
Indlela ongaxhumana ngayo nathi	

Lukushialewa kokuQala

:Oct 1999

Umbhali :Umfundisi oPhakeme uChing Hai
Postal Box 9, Hsihu, Miaoli Hsien, Formosa
Republic of China
ROC Postgire :1152184-3 Shih Ching Hai
iKheli :No 39 Dong San Hu Village
Hsihu Hsiang, Miaoli Hsien, Formosa, R.O.C
Ikhishwe ngu :The International Supreme Master Ching Hai
Meditation Associations Publishing Co
(Iregistwe ngaphansi kuka-No 5390 eHhovisi
likaHulumeni loKwazisa, R.O.C.)
Ilungelo eligodliwe ngokomthetho
(Copyright) :NgeloMfundisi oPhakeme uChing Hai

Okungaphakathi namagama akulelibhuku kuqukethe uMusa neziBusiso zo-Mfundisi. Wonke amalungelo agodliwe. Akukho ngxenye yalelibhuku ekuvumeleke ukuthi kwenziwe umfanekiso wayo nganoma iyiphi indlela, ngaphandle kwemvume yoMfundisi noma umshicileli, kuze kuvinjelwe izinswelaboya ekwenzeni imisebenzi ephambene nokulunga.

“Angisiye owezinkolelo zobuBuddha noma ubuKhatholika. Ngimele iQiniso lodwa futhi ngishumayela iQiniso. Ungasho wena ukuthi ubuBuddha, ubuKhatholika, inkolelo yamaShayina iTaoism, noma yini nje oyithandayo. Zonke lezizinkolo ngiyazemukela!”

~uMfundisi onobuKhosi uChing Hai~

“Ngokuzuzwa ukuthula kwangaphakathi, yonke enye into siyoyithola. Konke ukweneliswa, konke ukugcwaliseka kwezifiso zomhlaba nezasezulwini kuqhamuka eMbusweni kaNkulunkulu - ukuphokophela ukuthula kokuvumelana kwanaphakade, ulwazi lwethu lwanaphakade, kanye namandla ethu amakhulukazi. Uma singakutholi konke lokhu, kaseneliswa, akukhathalekile ukuthi sinamandla noma imali engakanani, noma sinezikhundla eziphakeme kangakanani.”

~uMfundisi onobuKhosi uChing Hai~

“Imfundiso yethu ithi, noma ngabe yini okumele uyenze kulomhlaba, yenze, yenze ngenhliziyo yakho egcwele. Yiba nobuqotho bese uzinika ithuba lokucabanga nsuku zonke. Uyothola ulwazi olengezezelwe, ubuhlakani obengezezelwe, ukuthula okwengezezelwe, ukuze ukwazi ukuzisebenzela futhi usebenzele umhlaba. Ungakhohlwa nukuthi unabo ubulungisa obungaphakathi kuwe. Ungakhohlwa nukuthi uNkulunkulu uhlala emzimbeni kuwe ngaphakathi. Ungakhohlwa nukuthi kukhona uBuddha osenhliziyweni yakho.”

Isingeniso

Kusukela emandulo, isintu sihanjelwa ngabantu abangajwayelekile inhloso yabo engukufukula umphefumulo. Ujesu Krestu kwakungomunye walezizihambi, njengoShakyamuni Buddha noMohammed. Labathathu sibazi kahle, kodwa baningi abanye amagama abo esingawazi; abanye babefundisa phambi kwabantu bonke, baziwa yidlanzana labantu, abanye bahlala bengaziwa. Lababantu babebizwa ngamagama ehlukene, ngezikhathi ezehlukene, emazweni ehlukene. Babebizwa ngoMaster, Avatar, Okhanyiselwe, UmSindisi, uMessiah, uMama oCwebile, iSithunywa, iGuru, uSanta oPhilayo, njalo-njalo. Basilethela okubizwa ngokuthi ukuKhanyiselwa., ukuSindiswa, ukuQonda, iNkululeko, noma ukuVuselelwa. Amagama asetshenziswayo angehluka, kodwa ingqikithi yawo iyafana. Abahambeli abaphuma kuwo loMthombo Ongcwele, abanobukhulu kwezomphefumulo, nobuqotho obumsulwa, namandla okukhuphula isintu njengoba abaNgcwele basemandulo benathi namuhla, kodwa bambalwa abakwaziyo ukuba khona kwabo. Omunye wabo nguMfundisi oPhakeme uChing Hai.

Umfundisi uChing Hai akusiyo imbangi engaziwa kabanzi njengoSanta oPhilayo. Ungumuntu wesifazane, abenkolelo yobuBuddha nabanye bakholelwa ensumansumane yokuthi umuntu wesifazane ngeke abe yiBuddha. Ungowokudabuka e-Asia, abantu baseNtshonalanga balindele ukuthi uMsindisi uyofana nabo. Kodwa-ke, abanye bethu abaqhamuka emhlabeni wonke, esidabuka kwimikhakha yezinkolo ezahlukene, asebeMazi, abalandela izintshumayelo zaKhe, siyaMazi ukuthi unguBani, futhi uYini. Ukuze ukwazi lokhu, kuyodingeka ukuthi uvule umqondo wakho nobuqotho behliziyo. Lokhu kuyothatha isikhathi sakho nokulalelisisa kuphela, lutho olunye.

Abantu bamosa isikhathi esiningi besebenzela ukuphila nokubhekana nezidingo zomhlaba. Sisebenzela ukuthi senze izimpilo zethu nezemindeni yethu ukuthi zingabi nako ukuhlukumezeka. Uma isikhathi sivuma, sinakekela izinto ezinjengezombangazwe, imidlalo, i-TV, noma ihlazo elisematheni. Labo abethu asebehlangabezane naMandla oThando lokuxhumana ngqo nobuNgcwele obungaphakathi, siyazi ukuthi kuningi okunye okukhona empilweni. Kusiphatha kabi ukuthi iZwi eliMnandi kalaziwa ngendlela ekufanele ngayo. Isisombululo sawo wonke umshikashika womhlaba ukuthi sihlele sithule ngaphakathi kithina, silindile. Siyazi ukuthi iZulu liseduze kwethu. Uyosixolela umangabe kubonakala sengathi sisha amashushu sikhuluma izinto ezingawuhlukumeza umqondo wakho. Kunzima ukuthi sithule, emuva kokuthi sesibone lokhu esikubonile, sesazi futhi lokhu esikwaziyo.

Thina esizithatha ngokuthi singabafundi boMfundisi oPhakeme, kanye nabanye abalandeli bohlobo lwaKhe lwenkolo (uHlelo lweQuan Yin), sinikela ngalelibhuku lokuqala ngethemba lokuthi lizokulekelela ukuthi usondelane nokwakho ukwelamela ukuGcwaliseka okuNgcwele, noma ngabe kwenzeka noMfundisi wethu noma omunye.

Umfundisi uChing Hai ufundisa ngokubaluleka bokuzinika ithuba lokuzila inkulumo, ucabange -meditation- ukuzihlola ngaphakathi, nokuthandaza. Uchaza ukuthi kufanele sizitholele thina ubuKhona obuNgcwele ngaPhakathi kithina - Inner Devine Presence-uma ngabe sifuna ukuthokoza ngokugcwele kulempilo. Uthi ukukhanyiselwa akusiyo into eyenzelwe labo kuphela asebegcotshiwe, okulukhuni ukuyizuzwa, etholwa kuphela yilabo abazikhiphayo emphakathini bahlale ngabodwa. Umsebenzi waKhe ukuvuselela lokhu kuBakhona Okungcwele okungaphakathi kithina, sibe siphila izimpilo eziwayelekile. Uthi: **Kunje, Sonke siyalazi iQiniso. Ukuthi nje silikhohliwe. Ngakho-ke, kwezinye izikhathi kufuneka kubekhona amuntu ozosikhumbuza ngezinjongo zempilo yethu, nokuthi kungani kufanele sithole iQiniso, kungani kufanele sizile inkulumo sicabange-meditate-nokuthi kungani kufanele sikholelwe kuNkulunkulu noma uBuddha, noma ngubani esicabanga ukuthi unguMnimandla onke eZweni liphela.** Akaphoqelesi muntu ukuthi amlandele. Usikhombisa nje ngokuKhanyiselwa kwaKhe njengesibonelo, ukuze kuthi abanye bathole iNkululeko yaboyokuGcina.

Lelibhuku liyisandulelo sezintshumayelo zikaMfundisi oNobuKhosi uChing Hai. Sicela uqaphele ukuthi lezizifundo, ukuphawula, nokushiwo kuMfundisi uChing Hai kulencwadi, zazikhulunywa nguYe, zaqoshwa, zabhalwa kabusha, mhlawumbe zihunyushwe kwezinye izilimi, bese ziyalungiselelwa ukushicilelwa. Singakucebisa ukuthi ulalele noma ubuke amatape noma amavideo aqoshwa ekhuluma. Lokho kuyokugculisa kangcono uma uzwa, futhi umbona, lapho azenza khona lezizinkulumo kunoma uzifunda. Nangaphezu kwalokho, kugculisa kakhulu ukubona Yena luqobo lwaKhe.

Kwabanye, uMaster Ching Hai unguNina, kwabanye unguYise, kwabanye uyisiThandwa. Ngokujwayelekile, unguMngane odlulele ongaba naye kulomhlaba. Ulapha ukuzonsinika, hhayi ukuthatha.

Akathathi nkokhelo yanoma yiluphi uhlobo ngezifundo zaKhe, usizo noma ukugcoba amalungu. Into ayoyithatha kuwe kuphela ukuhlupheka kwakho, usizi nobuhlungu.

Kodwa uma ngabe ukufuna lokhu!

“Umfundisi yilowo onamandla okuthi enze wena ube nguMfundisi... ozokulekelela ukuthi nawe uqonde ukuthi nawe unguMfundisi nokuthi wena noNkulunkulu niyinto eYodwa. Yilokho kuphela...yileyo kuphela indima edlalwa nguMfundisi”

~Umfundisi oNobuKhosi uChing Hai~

“Inyathelo lethu akusiyo inkolo. Akukho muntu engingququlayo ukuthi akholelwe ebuKhatholikeneni noma ebuBuddheni, noma yiyiphi nje enye inkolo. Kuphela nje, ngikukhombisa indlela yokuthi uzazi kangcono, wazi imvelaphi yakho, ukhumbule into oyithunyelwe kulomhlaba, ukuthola izimfihlo zezulu nomhlaba, ukuqonda ukuthi kubangwa yini ukuthi kube nosizi olungaka, sibone futhi ukuthi yini esilindele emuva kokufa.”

~Umfundisi oNobuKhosi uChing Hai~

“Sehlukene noNkulunkulu ngoba siyaphithizela. Uma kunomuntu okhuluma nawe ucingo lulokhu lubelesele ukukhala, ngalapha ubambe izimbiza noma untekula nabanye abantu, angeke kubekhona umuntu ongaxhumana nawe. Naku Nkulunkulu kunjalo. Usimemeza imihla namalanga kodwa asinaso isikhathi saKhe, silubeka phansi ucingo Esakhuluma nathi.”

~Umfundisi oNobuKhosi uChing Hai~

Umlando oMfishane ngeMpilo yaMfundisi oNobuKhosi uChing Hai

Umfundisi uChing Hai wazalelwa emndenini ozimele kahle e-AuLac, uyise engudokotela owaziswa kakhulu owelapha ngamakhambi emvelo - Naturopath. Wakhuliswa njengomKhatolika, Futhi wafunda ngobuBuddha kugogo waKhe. Eseyingane, watshengisa uthando ezifundweni zephilosophy nezenkolo, kanye nokuzwelana okungajwayelekile kuzozonke izonto eziphilayo. Kwathi lapho eseneminyaka eyishumi nesishiyagalombili uMfundisi oNobuKhosi uChing Hai wahembela kwelase-England, eyoFunda. Kamuva waya eFrance naseGermany lapho ayesekezela inhlangotho yesiphambano esibomvu-Red Cross-, wabe eseshada nososayensi ongumGerman. Ngemuva kweminyaka emibili esemshadweni omuhle, ngemvume yomyeni waKhe, wawushiya umshado waKhe ephokophelele ukukhanyiselwa, kanjalo egcwaliselwa isifiso sakhe kusukela eseyingane. Ngalesosikhathi wayefunda izindlela ezahlukene zokugxila ebunzulwini bomphefumulo, sakuthandaza buthule - meditation - kanye nezinye izifundo zezomphefumulo ngaphansi kwabafundisi ababe sondelene naYe. Wakubona ukungabi nalusizo komuntu oyedwa ozama ukunceda uluntu oluhlukumezekile, futhi waqaphela ukuthi indlela engcono yokwelekelela abantu ukuthi Yena mathypha athole ukukhanyiselwa ngokugcwele.

Ngalesisifiso sakhe esisodwa, wahambela emazweni amangini ehlukene, eFuna indlela ephuma phambili ohlelweni lokukhanyiselwa. Ngemuva kweminyaka eminingi yokuvivinywa, ukulingwa kanye nokuhlupheka, uMfundisi oNobuKosi uChing Hai wagcina ethola indlela yeQuan Yin kanye nokugcotshwa ngoMoya oyiNgcwele ezintabeni zase Himalaya.

Ngemuva kwesikhathi elandela lendlela ngokuzikhandla, esaqhelile emphakathini ehlala ezintabeni zaseHimalaya, wakuthola ukukhanyiselwa okugcwele. Eminyakeni eyalandela ukukhanyiselwa kwaKhe uMfundisi oNobuKhosi uChing Hai waphila impilo enokuthula engenakyaqagela yendela lobuBuddha - Buddhist nun-. Njengomuntu onamahloni sidalo, wayigcina iyimfihlo lengcebo kwaze kwabakhona abantu abafuna futhi bedinga imfundiso yaKhe kanye nokugcotshwa. Kwenzeka ngenxa yokocela begcizelela kwabafundi baKhe bokuqala eFormosa (eTaiwan) nase-United States ukuthi uMfundisi uChing Hai aphume azoFundisa emhlabeni wonke jikelele futhi agcobe amashumi ezinkulungwane zabaphokophelele ezomphefumuto ngokuzimisela.

Namuhla inani elandile labafuna iqiniso abavela emazweni ehlukene kanye nasezinkolweni ezahlukene baya belandelana kuYe bedinga ubuhlakani baKhe obuphezulu nobunobuKhosi. Kulabo abafisa ngokweqiniso ukufunda futhi balandele indlela yokuKhanyiselwa Masisha eqinisekiswa uYena Mathupha njengephezulu kunazo zonke - iQuan Yin Method, uMfundisi uChing Hai uzimisele ukubanika umgcobo nokubahda kwezomphefumulo.

*Umhlaba ugcwele ukuhlupheka
Yimina kuphela ogcwele Wena!
Ukuba waWubekwe ngaphakathi kulomhlaba,
Konke ukuhlupheka ngabe akukho.
Kodwa, ngoba umhlaba ugcwele ukuhlupheka,
Indawo yaKho angiyitholi!*

*Ngingathengisa wonke amalanga, izinyanga nezinkanyezi
Zomhlaba nezulu ezikulo.*

Ngenzele nje ukuthenga iSo laKho elihle.

Hawu Ngqongqoshe weNkazimulo engenaMkhawulo!

*Yiba mnene ungembulele eminye yemisebe yakho eNhliziyweni yami
ekulangazelelayo.*

*Abantu abathanda okomhlaba bayaphuma ebusuku bayocula bagide
Begutshezelwe ukukhanya komhlaba nomculo womhlaba.*

Yimi kuphela ohlala esesimweni sokuquleka,

Ngintengantengiswa wukuKhanya neMvunge engaphakathi.

Lokhu ngalwazi uDumo lwaKho Nkosi yamaKhosi,

Akukho engingakuthanda kulomhlaba.

Ngange ngoMusa waKho onoThando,

Kuze kube ngunaphakade!

❧ Amen ❧

*Isuswa kwiZinyembezi Ezithule - Silent Tears
~Ilotshwe nguMfundisi oNobuKhosi uChing Hai~*



Izimfihlo zoMhlaba Ongaphaya

Intshumayelo eyenziwa nguSupreme Master Ching Hai
ngo June 26, 1992
e-United Nations, New York

Ngiyanemukela eNhlanganweni yeZizwe. Ngicela nithandaze nganodwa imizuzwana nje ngenkolelo yenu ukuthi siyakubonga lokhu esinakho, esikunikwayo, nesikufisayo, siyethemba ukuthi labo abasweleyo, nabo bayonikwa njenganathi; Ababaleki bomhlaba wonkana, abahlushwayo ngemuva kwezimpi, amasosha, abaholi bohulumeni, ngokunjalo abaholi beNhlangano yeZizwe bayokuzuza lokho abakuphokophele sihlale ndawonye ngokuthula. Siyakholelwa ukuthi lokhu esikucelayo siyakunikezwa ngoba iBhayibhele lisho njalo.

Ngiyabonga! Sekunesikhathi ngagcina lapha. Bakhona kininina asebake beza lapha, engikushoyo ukuthi beza ezifundweni zami? Nini? Oh, Yebo? Baningi kangaka? Ngiyabonga. Niyazi namuhla, umongo wesifundo sami uthi, "Ngaphaya KwaleLizwe", ngoba ngikholelwa ekuthini angisafuni ukukhuluma nani ngalomhlaba. Nonke niyakwazi lokho. Angithi? Niyazi kulelizwe sine-United Nations, sineMelika, sineNew York (Big Apple), kodwa ngale kwalelizwe, sinezinye izinto. Ngithemba ukuthi nonke nina enize lapha ningafisa ukwazi.

Akusiyona into efana nalokhu okushiwo nguStephen ngezimangaliso noma yini enye eyisimanga ekungelula ukuyikholwa. Yinto engamasu esayensi, eqondakalayo, ebalulekile.

Sizwile sonke ukuthi kuwona wonke amabhayibheli ezinkolo noma imibhalo engcwele, kuthiwa kunamazulu ayisikhombisa. Kunamazinga ehlukene okuphila. KunoMbuso kaNkulunkulu ngaphakathi, kunoBuddha, indalo, njalo-njalo. Lezi ngezinye zezinto esithenjiswa zona ezingaphandle kwalomhlaba. Kodwa akusibona bonke abantu abafinyelelayo kulezi zithembiso zemibhalo engcwele, ababaningi. Ngeke ngithi abekho, kodwa ababaningi. Uma uqhathanisa nobungako babantu kulomhlaba, abantu abafinyelelayo kuloMbuso kaNkulunkulu ongaphakathi noma lokhu esithi, “okungalena kwalomhlaba”, bayingcosana kakhulu. Uma ngabe useMelika, mhlawumbe unamathuba amaningi okufunda izincwadi eziningi ezichaza izinto ezingaphaya kwalomhlaba wethu. Kanti ezinye zezithombe zebhayisikobho ezenziwa ngabantu baseMelika aziyona inganekwane. Futhi kukhona izithombe ezenziwa ngabantu baseJapan ezingeyona imbude zonke. Ngoba lababantu mhlawumbe sebeke bafunda izincwadi ezibhalwe ngalabo asebeke baya kulomhlaba ongalena noma mhlawumbe sebeke bathi nhla uMbuso kaNkulunkulu.

Manje-ke, eMbusweni kaNkulunkulu... yini ekuloMbuso kaNkulunkulu? Kumele sizihluphe ngani ngoMbuso kaNkulunkulu uma ngabe sinomsebenzi owanele esiwenza emhlabeni, siyasebenza futhi, sinezindlu ezilondolozekile, futhi sinokuthandana okwanele, njalonnjalo? Ngenxa yokuthi sesinazo

lezizinto, kungakho kufanele sizihluphe ngoMbuso kaNkulunkulu. Kuzwakala sengathi ukuba yikholwa kakhulu uma sithi uMbuso kaNkulunkulu. Okuseqinisweni, ngelinye izinga lokuqonda okuphakeme. Abantu emandulo babethi yisezulwini, kodwa ngenkulumo yesayensi, singasho sithi kwehlukile... izinga eliphakeme lolwazi, izinga eliphakeme lobuhlakani. Lokhu siyafinyelela kukho, uma sazi ukuthi kanjani.

Ngakho-ke, kumanjenje... muva nje eMelika, sesizwile sonke ngokuqanjiwe muva nje... abantu sebenemishini ekwazi ukuthi ikufake esamadhi. Senike nahlangabezana nalokhu? Anikaze? Lutho? Uyadayisa lapha eMelika. Kusukela ku 400 kuya ku 700 dollars, kuya ngokuthi ufuna ukuya kuliphi izinga. Bathi..lona ngowabantu abangamavila, abangafuni ukuzila inkulumo bangacabangi - meditate, abafuna nje ukuba se samadhi. Manje, uma ningazi ngalokhu, ngizoke ngichaze kancane.

Bathi lomshini ukwazi ukukufaka esimweni sokuphumuza umqondo... isimo sokuziphumuza, bese ufinyelela ezingeni eliphakeme lokuhlakanipha... lokhu okufanele ukuthi kukunike ulwazi olukhulu, ubuhlakani obukhulu ube usuzizwa umkhulu, njalo njalo... Lomshini usebenzisa umculo okhethiwe, umculo wangaphandle, wena bese usebenzisa ama-ear phones, bese bekuxhuma kugesi ozokukhaliphisa, lapho-ke mhlawumbe usuzobona ukubanika. Kungakho nje kufuneka bakuvale amehlo ngeduku. Uma ufuna ukungena kusamadhi udinga into yokuvale amehlo, neyamadlebe kuphela. Kuhle lokhu, no400 dollars ushibhile kakhulu. Kodwa eyethu i-samadhi ishible ngaphezu

kwalokho, ayibizi lutho, futhi ngeyaphakade, naphakade. Akufuneke battery noma ugesi, ukuxhuma, ukubnoncula, awundinge kukhanda mshini futhi uma wephukile.

Manje, noma ngabe ukukhanya kokwenziwa, nomculo wokwenziwa ukwazi ukwenza abantu ukuthi babe sesimweni sokuphumula bahlakaniphe - yikho phela okufanele bakuthole. Kodwa ngifunde ephepheni nje kuphela ukuthi yini ekufanele yenziwe yilomshini, angikaze ngiwuzame mina. Yingakho nje udayisa njengamagwinya ashisayo, uma ngizwa. Nalezizinto zokwenziwa ziyakwazi ukusifaka esimweni sokuphumula zikhulise ingqondo yethu, uyacabanga ukuthi into yangempela ingasilekelela kanjani ukuthi sibe nobuhlakani? Okwangempela akukona okwalomhlaba kodwa noma ngubani angafinyelela kuko, uma efuna ukuxhumana nakho. Lokhu ngumculo wasezulwini ongaphakathi nemvunge yasezulwini engaphakathi. Ngokugxila kwalomculo nemvunge... noma ukukhanya nomculo wangaphakathi, singazinyusela ngaphandle kwalomhlaba, singene ezingeni elinzulu lokuqonda.

Ngiyabona ukuthi kuyafana nje nemithetho ye physics. Ufuna ukuthumela indizamkhathi... endaweni lapho isisindo singasasebenzi - no gravity - kufuneka ubenamandla amaningi okuyidudula, kanti futhi uma indiza ngesivinini, kubakona umlilo okhanyayo. Ngakhoke, uma sifuna ukuya masinyane kwelingaphaya, nathi kufanele... ngizoyibeka kanjani lento? Hhayi ngikhuluma isiChina kakhulu. Singa khipha imisebe yokushisa, yebo, nathi ngokunjalo, kanti futhi siyayizwa imvunge.

Imvunge yiyonamandla okudlikliza asidudulele kumazinga aphakeme olwazi, kodwa konke lokho kwenzeka ngaphandle komsindo, ngaphandle kwenkathazo, ngaphandle kwezindleko, ngaphandle kobuhlungu kulabo abanolwazi. Nanso idlela yokuya kwelingaphaya.

Yini engale kwalomhlaba engcono kunalomhlaba? Yonke into esingayicabanga nesingayicabangi. Uma sike sayithola nje, sesiyokwazi. Empeleni, akukho muntu omunye ongakutshela. Kodwa kumele sibe yisimbelembela kulokhu, kanti kufuneka sibe neqiniso, ngaphandle kwalokho, amukho ongasenzela. Njengoba kungekho muntu ongakusebenzela kuhhovisi le-United Nations lapho uholo khona.

Njengoba kungeke kubekhona muntu ongasilekelela ukuthi adle bese kusutha thina. Ngakho-ke, indlela ukuthi ube nolwazi. Singamlalela umuntu oseke waba nalo ulwazi, kodwa ngeke thina siluthole ulwazi ngalokho. Singaba nalo ulwazi kanye, izikhathi ezimbalwa noma izinsuku ezimbalwa ngenxa yamandla omuntu oseke wanqwamana noNkulunkulu. Lapho-ke, singakubona ukukhanya sizwe nemvunge ngokwemvelo ngaphandle kokuzabalaza, kodwa ezikhathini eziningi akuhlali isikhathi eside. Ngakho-ke, kumele sibe nolwazi nathi sizenzele thina.

Ngalena komhlaba wethu, kuneminye imihlaba eminingi. Ake senze isibonelo, njengalona othe ukuphakama kunowethu. Lona esiwubiza ngezwe lezinkanyezi-astral world-ngenkulumo yaseNtshonalanga. Kulomhlaba wezinkanyezi, kunekhulu

nangaphezulu lamazinga. Izinga ngalinye, lingumhlaba ngokwalo. Limele izinga lethu lokuqonda. Kufana noma siya esikoleni semfundo ephakeme. Bese sidlula esigabeni ngasinye njengoba sifunda e-university, kumele izinga lethu lolwazi ngemfundiso yase-university, bese siqhubekela lapho sizophothula khona izifundo. Kulomhlaba wezinkanyezi, siyobona izinhlobo eziningi zezimangaliso, mhlawumbe nathi silingwe yilemilingo, nathi mhlawumbe sibenemilingo. Singaphilisa abagulayo, singa... ngizoyibeka kanjani lento ... mhlawumbe singabona izinto ezingabonwa ngabanye abantu. Sinamandla ezimangaliso ayisithupha. Singabona ngalena kwemingcele ebekiwe, sikwazi ukuzwa ngalena komkhathi. Ibanga alisho lutho kithina. Yilokho-ke esithi ngamadlebe ezulu, namehlo ezulu. Sikwazi futhi ukubona umuntu ecabanga, nokuthi uquketheni engqondweni yakhe, kwesinye isikhathi sikwazi ukubona... njalo-njalo. Lawa ngamandla esikwazi ukuthi siwathole kwezinye izikhathi uma sifinyelela ezingeni lokuqala loMbuso kaNkulunkulu.

Kulelizinga lokuqala, sengishilo ukuthi sinamanye amazinga amaningi asinikeza okunye okuningi ngaphezu kokungachazwa ngamazwi. Uma sesifika lapho, siyo... ukulinganisa nje, emuva kokugcotshwa, besesiyayizila inkulumo sijule ngaphandle kokucabanga, uma izinga esifika kulo kungelokuqala kusho ukuthi kunezinto eziningi esingazenza. Singaqhubeka nokuthuthukisa ulwazi lwethu lokufunda ebesikade singenalo ekuqaleni. Futhi sazi izinto eziningi abanye abantu abangazazi, kanti izinto eziningi zifika kithina njengesipho sasezulwini,

mhlawumbe zibe yimali, mhlawumbe, ngizothini, ngokomsebenzi, kwesinye isikhathi ezinye izinto eziningi. Sikwazi ukuqala ukubhala izinkondlo, noma sidwebe, senze nje izinto ekade singakwazi ukuzenza phambilini, esingakaze siphuphe nje ukuthi singazenza. Izinga lokuqala-ke lelo. Futhi singabhala izincwadi sibhale izinkondlo ngohlobo oluhle lokubhala. Kungenzeka ukuthi besingebona ababhali abakhokhelwayo, kodwa manje singazithola sikwazi ukubhala. Lezizinto ziyinzuzo nje yomhlaba esingazithola uma sisezingeni lokuqala lokuba nolwazi. Okuseqinisweni lezizinto akusona isipho sikaNkulunkulu. Lezizinto zisezulwini eliphakathi kithina. Ngenxa yokuthi sesizivusile, seziyaphila. Bese siyazisebenzisa-ke. Ngakho-ke, yingxenye yolwazi lolu lwezinga lokuqala.

Manje, uma sesiya ezingeni eliphezudlwana, uma ngilinganisa, sibona ezinye izinto eziningi, sizuze futhi izinto eziningi. Phela ngeke ngikwazi ukunitshela yonke into. Yebo ngenxa yesikhathi. Akusizi futhi ukuzwa zonke izinto ngamakhekhe noswidi nibe ningazukuwadla. Ngakho-ke, ngiyanihalisa nje. Uma nifuna ukuwadla, olunye udaba lolo. Singanikeza ukudla kwangempela ngemuva kwesikhathi. Yebo! Uma kwenzeka ukuthi niyafuna ukuzidla lezizinto.

Manje, uma sithi ukuqhubekela kulelizinga siya kwelesibili, esithi "ngelesibili", kuze senze izinto zibelula. Ezingeni lesibili, lapho sesiyobanamandla amakhulu kunawezinga lokuqala, sikwazi nokuthi senze imilingo. Kodwa okubalulekile kakhulu ongakwenza ezingeni lesibili ukuthi... Ube nobuciko bomlomo,

nekhono ezinkulumeni mpikiswano. Akukho muntu okwazi ukunqoba umuntu osefike ezingeni lesibili ngoba usuke enamandla amakhulu obuciko, nengqondo yakhe isuke iseqophelweni eliphezulu lokuhlakanipha.

Abantu abaningi abanezingqondo ezijwayelekile abakwazi ukuqophisana nalomuntu ngoba eyakhe ingqondo isuke ivulekele eqophelweni eliphezulu lokucabanga. Kodwa akusiyo ingqondo yenyama kuphela ethuthukile, futhi amandla akhe obungcwele - mystic - ngamandla asezulwini, lobuhlakani obungaphakathi kithina. Manje ayaqala ukuvuleka. Endiya, abantu bakhona bathi lelizinga yi "Buddhi" okusho ukuthi yizinga longqondongqondo. Uma usufike ezingeni le "Buddhi" usunguBuddha. Liphuma lapho leligama likaBuddha - Buddhi no Buddha. Manje uBuddha uyilokho nje, akujiki. Akuphelile. Angizukwethula ku Buddha kuphela, kukhona okungaphezu kwalokho. Abantu abaningi umuntu okhanyiselwe bathi nguBuddha. Uma engazi lutho ngaphezu kwezinga lesibili, angaziqhenya nangalokho. Yebo, acabange ukuthi unguBuddha ophilayo nabalandeli bakhe bangaziqhayisa bembiza ngoBuddha. Kodwa okuseqiniseni uma efika ezingeni lesibili lapho akwazi khona ukubona okudlule, okwamanje, nekusasa lanoma yimuphi amuntu afuna ukumbhulela, lapho ezokhuluma awakavule futhi, akukona ukugcina koMbuso kaNkulunkulu. Kanti futhi akufuneki umuntu aziqhenye ngekhono lakhe lokukwazi ukubona okwedlule, okwamanje nokuzayo ngoba lokhu ngumbhalo we akashic njengoba waziwa ngolimi lwaseNtshonalanga. Nonke nina

enenza iyoga noma ngeyiphi enye inhlobo yokujula ngengqondo - meditation-niyowazi umbhalo we-akashic, okuluhlobo lwesilulu sezincwadi njengalena esinayo lapha kwamalhelwane ku-United Nations. Niyayibona le engikhuluma ngayo, enazo zonke izilimi. Ubona kukhona i-Arabic, Russian, Chinese, English, French, German, yonke into kulelibrary yenu endlini eyakheene nalena, zonke izilimi. Uma ukwazi ukuzifunda lezizilimi, uyakwazi ukuthi kwenzekani kulelilizwe. Niyayibona leyonto? Ngakho-ke, ngokufanayo, loyo ofinyelelayo kulelozinga lesibili, uyoqonda, angakwazi ukuhlala umlando wempilo yomuntu ngokucacile, njengoba nawe wazi umlando wempilo yakho.

Kuningi kakhulu okuyinzuzo ezingeni lesibili lokwazi. Kodwa uma umuntu eseze wafika ezingeni lesibili, kuyisimanga lokhu, usenguBuddha ophilayo ngoba usuke esevule i "Buddhi", unqondo-ngqondo. Sazi futhi izinto eziningi kakhulu, eziningi kakhulu esingkwazi ukuzisho. Nalokho okuthiwa yisimangaliso - miracle-kungenzeka kithina, sithanda noma singathandi ngoba ubuhlakani bethu buvulekile, siyakwazi ukuthintana nomthombo ongaphezulu wokuphilisa, wokuhlela impilo yethu ukuba ingahlukumezeki futhi ibengcono. Ubuhlakani bethu noma i"Buddhi" ivuleke kangangoba iyakwazi ukuxhumana nalo lonke ulwazi oludingekile, oludlule, nolwamanje ukuze kuhlelwe, noma kuhlelwe kabusha ukuze silungise amaphutha ethu esawenza ngesikhathi esedlule. Niyakuzwa lokho? Ukuze silungise amaphutha senze impilo yethu ibengcono.

Ake sithi nje, uma kade singazi ukuthi umakhelwane wethu

simephule umoya singaqondile, manje sesiyokwazi. Niyayibona lento engiyishoyo? Kulula! Uma besingazi kanti umakhelwane uthule nje unemidlinzo engemihle ngoba simone umoya, mhlawumbe ufuna ukuziphindiselela, sibe singazi lutho phela thina, manje sesizokwazi. Sesiyokwazi manje ukuthi wayenzelani into ethile. Kulula. Singaya kumakhelwane noma simshayele ucingo, noma senze ipart, bese siyammema umakhelwane siyilungise lento esixabanisile. Kwenzeka izinto ezifanayo uma sesiya kulelizinga lobuhlakani, kuyazenzekela nje, ngisho ukuthi ngaphandle kokukhuluma, siyazibona zonke lezizinto bese siyazilungisa ngokuthula noma sixhumane nomunye umthombo wamandla ozosilekelela ukuthi sizilungise lezizinto, senze indlela yokuphila kwethu ibengcono, senze kangcono umgudu wempilo yethu. Ngaleyondlela, sinciphisa izingozi, izimo ezinganambitheki nezimo ezingathandeki empilweni yethu. Kuyezwakala? Yebo! Yebo! Ngakho-ke, uma sesifika kulelizinga lesibili kuyisimanga lokho.

Ngakho-ke, lokhu esengikuchazile kinina, kuhambisana nemigomo yesayena futhi kungumqondo ohlelekile. Asikho isidingo sokucabanga ukuthi umuntu owenza iyoga nojulayo ngengqondo ungumuntu onemilingo noma i E.T. Angithi niyayazi i-extra terrestrial, umuntu ohlala ezinkanyezini noma emkhathini. Bangabantu abahlala ezinkanyezini, njengathi esesikhanyiselwe, niyabona, ngoba bayazi ukuthi kwenziwa njani. EMelika sithi yonke into ixhumeke olwazini lokwenza, ngakho-ke, singafunda yonke into. Angithi? Singafunda yonke into.

Ngakho-ke, yilo loluhlobo lwesayensi yomhlaba ongaphambili kwalong esikuwo esingafunda ngayo futhi. Kuzwakala sengathi akujwayelekile, kodwa uma ngokukhuphukela nezinga, kuya kuba lula. Kulula ngaphezu kokufunda ehigh school noma ecollege lapho kunalezo zinkinga ze methametics nemibuzo.

Izinga lesibili... ezingeni lesibili, kunamanye amazanga amaningi futhi. Ngisho ukuthi ngaphakathi kulo lelinga lesibili kubuye kube namanye amazanga futhi. Kodwa ngizokwenza kubelula nje ngoba angikwazi ukuthi ngikhiphe yonke imininingawane ngezimfihlo zamazulu. Kunjalo! Akusenani, kodwa nani nizokwazi konke lokhu uma nihambisana nomfundisi oseke wazihamba lezizindlela. Ngakho-ke, akusiyo imfihlo. Kodwa kude kakhulu, niyabona. uma sizelokhu sima kuwo wonke amazanga - anamazanga awo amaningi futhi, amazanga, kufuneke ukuthi sixilonge yonke into; kuyothatha isikhathi eside kakhulu. Ngakho-ke, kwesinye isikhathi, umaster uyaye anithi nje qu ezingeni kuya kwelinye, ngesivinini. Ngoba uma ungazibandankanyile nokuba ngumaster, asikho isidingo sokufunda okuningi kangaka. Kuyokuphathisa ikhanda. Ngakho-ke, ngizonidlulisa nje kokuncane bese nizisebenzela emakhaya, ngoba noma kunjalo, kuyokuthatha isikhathi eside. Mhlawumbe kungathatha impilo yakho yonke. Kodwa ukukhanyiselwa, sikuthola masishane. Kodwa kuseyisiqalo nje leso, kufana nokubhalisela ukufunda, uyabona? Ngelanga oqala ngalo ukubhalisa e-university, uba ngumfundi we-university ngaso leso sikhathi. Kodwa akusho lokho ukuthi usune PHD. Emuva kweminyaka eyisithupha, emine, noma eyishumi nambili uthola

ziqu. Kodwa ngenkathi ubhalisa..., ngizothini, waba yisitshudeni sasenyuvesi uma ngabe leyo kuyinyuvesi yangempela. Kanti uma ubhalisa, usuke ufuna ngokweqiniso ukuba ngumfundi wasenyuvesi. Kuyezwakala? Ngakho-ke, kufanele izinhlangoni zombilizihambisane.

Ngokufanayo, uma sifuna ukudlulela phambili kulomhlaba, ake ngilinganise nje, ake sithi nje, ngoba ingasekho enye indawo esingaya kuyo eNew York. Sesazi konke nge Manhattan, Long Beach, i-beach "elifushane" nawo wonke amanye ama-beach (Kuyahlekwa). Ake sithi mhlawumbe sifuna ukuya ezweni lika-E.T., sifuna ukubona ukuthi zisha ngani, kulungile? Singekwenze ngani lokho? Ingane sikhokha imali eningi sifuna ukuya eMiami, Florida, sifuna ukuyobhukuda nje olwandle, kungani singeke sifune ukuya kwamanye amazwe angale kwalomhlaba, siyobona ukuthi amaplanet ango makhelwane ethu anabantu abanjani, abaphila kanjani lapho? Angisho ukuthi kukhona okwethusayo lapho. Cha? Ukuqhubeka nokuhamba kancane nje, ukuhamba ngengqondo, ukuhamba ngomphfumulo esikhundleni sokuhamba ngomzimba wenyama.

Zimbili izindlela zokuhamba. Ngakho-ke kungumqondo ohlelekile, futhi kulula ukukuqonda. Manje, sesisezingeni lesibili. Kuyezwakala? Izinga lesibili. Yini enye ekufanele nginitshela yona? Siqhubeka kanjalo-ke kulomhlaba, kodwa ke sinolwazi lalena eminye imihlaba ngesikhathi esifanayo. Niyayibona leyonto? Ngoba siyahamba. Njengoba niyizakhamizi zaseMelika, noma niyizakhamizi zanoma yiliphi elinye izwe, kodwa uyahamba

usuke kwelinye izwe uye kwelinye, ukuyobona nje ukuthi lelo lizwe linjani. Ngiyacabanga futhi ukuthi iningi lenu elilapha e-United Nations anibona abokudabuka kwelaseMelika. Angithi? Kunjalo. Ngakho-ke, manje usuwazi into efanayo.

Singavakashela i-Planet elandelayo noma izinga elilandelayo lempillo khona sizokwazi. Ngoba kukude kangangoba angeke sihambe ngezinyawe, ngeke sihambe ngendiza-mkhathi, ngeke size sihambe nange UFO.

Amanye amazwe akude anebanga elingandizwa yi UFO. UFO! Unidentified Flying Object-Utho Olundizayo Olungaziwa, yebo, Kulungile! Utho olundizayo, yebo! Manje, kunesisetshenziswa esikithina ngaphakathi esinesivinini esingaphezu kwanoma yiyiphi i-UFO engenziwa. Lelo, yimiphefumulo yethu. Kwesinye isikhathi sithi ngumoya. Siyakwazi ukundiza ngengqondo, ngomoya nomphefumulo- ngaphandle kukapetrol, ngaphandle, kwamaphoyisa, ngaphandle kokuminyana kwe traffic, noma yini enye.

Kungakuhluphi futhi ukuthi ngelinye ilanga ama-Arab azonqaba ukusidayisela u-oyela, ngoba lendlela yethu yokuhamba ayiwadingi amafutha. Ayephuki, ngaphandle uma sifuna ukuyilimaza ngokweqa imithetho ebekelwe uwonke-wonke jikelele, sone ukuthula noxolo lwezulu nomhlaba, okulula kabi ukukugwema. Sizokutshela ukuthi uyokwenza kanjani lokho uma ufisa ukuzwa. Ake ngilinganise. Ngeke ngithathe isikhathi eside, kulungile? Angisiye umshumayeli. Ningakhathazeki. Anginihuduleli esontweni. Ngiyalinganisa nje.

Kunemithetho ebusa jikelele ekumele siyazi. Njengoba uma sishayela imoto, kufanele sazi imithetho yomgwaqo. Ilambu elibomvu lithi yima, eliluhlaza lithi hamba. Sishayela kwesobunxele, kwesokudla, njalo-njalo... emgwaqeni omkhulu, isivinini sikaliwe. Manje, kunemithetho elula kabi ebusa umhlaba wonke jikelele, emhlabeni wenyama. Niyakuzwa lokho? Ngaphambi kwalomhlaba wethu, ngaphambi kwalomhlaba wenyama, akukho mithetho, nhlobo. Sikhululekile, siyizakhamizi ezikhululekile, kodwa kufanele sidlulele ngaphambili kwalapho ukuze sikhululeke. Uma nje sisaphila kulomhlaba, kulomzimba wenyama, kufanele sizame ukuthi siphile ngemithetho, ukuze singangeni enkathazweni. Lapho- ke, ngeke zephuke izimoto zethu zokuhamba okusivumela ukuthi sihambe ngesivinini, siye buqamamana, ngaphandle kwezinkinga.

Manje, lemithetho ibhalwe ebhayibhelini, iBhayibheli lenu likaKrestu, nasebhayibhelini lamaBhudda noma eBhayibheleni lamaHindu. Ilula kakhulu, efana nokuthi singamlimazi umakhelwane, singabulali "ungabulali" ungaphingi, uyabona... ngaphandle kobudlelwano bothando, nokungebi, njalo-njalo. Ungasebenzisii izinto ezidakanayo, okuhlanganisa nezidakamizwa kulezizinsuku. Mhlawumbe uBuddha way azi ukuthi ngale-century yamashumi amabili, siyoqamba icocaine nazo zonke lezozinto, wabe esethi, azifuneki izidakamizwa.

Izidakamizwa zihlanganisa yonke inhlobo yokugembula nayo yonke into eyenza umqondo wethu... ngizoyibeka kanjani..., singezi izinto ezincikene nokuzithokozisa kwenyama, sikhohlwe

yindlela yethu yomphefumulo. Uma sifuna ukundiza ngesivinini, sindizele phezu ngaphandle kwengozi, lena yimithetho yesimo somhlaba njengemithetho ye-physics. Uma indiza-mkhathi ifuna ukundiza, usosayensi kufanele ahloniphe imithetho ethile. Yilokho nje, kuyezwakala? Manje, kufanele sinakekele kangakanani ngoba sifuna ukundizela phezudlwana kunalokho, ngaphezu kwalapho kufinyelela khona ama-rockets, izindiza-mkhathi phela, isivinini sidlule esama-UFO. Kodwa-ke, kuneminye imininingwane engachazwa, uma ngabe unalo uthando. Lokho kuyofika ngesikhathi sokugcotshwa. Asifuni ukukubangela isicefe ngalemithetho othi ngayo, “vele sengiyayazi, Sengiyayazi. Ngayifunda eBhayibhelini. Imithetho eliShumi, angithi? Imithetho eliShumi!

Okuseqiniseni, iningi lethu liyayifunda imithetho elishumi kodwa alishisekile ngayo, noma mhlawumbe asinalo ulwazi olunzulu lwayo. Noma mhlawumbe siyafuna ukuyiqonda..., njengoba sifuna nje, kodwa hhayi ngendlela eshiwo ngayo. Ngakho-ke, akukho ngozi eyoba khona uma sikhumbuzana, noma sike silalele incazelo ethanda ukuba nzulu ngayo futhi. Ukulinganisa, eBhayibhelini, eThestamendeni elidala, ekhasini lokuqala, uNkulunkulu uthi, **ngadala zonke izilwane ukuthi zibe abahlobo bakho futhi zikusize, wena uyobusa phezu kwazo.** Uthi futhi wenzela izilwane ukudla ngokwehlukana kwazo. Kodwa akazange athi sizidle. Cha! uthi futhi. Kodwa ababaningi abantu abakunaki lokhu. Ngaleyondlela, baningi abalandeli beBhayibheli abadla inyama, uyabona, ngaphandle kokuqonda ukuthi uNkulunkulu wayethini ngempela.

Uma siya ophenyweni olunzulu lwesayensi, siyobona ukuthi asida lelwanga ukudla inyama. Imizimba yethu, amathumbu, izisu, amazinyo, yonke into yenzelwe ngokwe sayensi ukuthi ilungele ukudla kwethu kwemihla yonke ukuthi kube yizitshalo kuphela. Yikho nje abantu abaningi begula, basheshe baguge, basheshe bakhathale babe ngamavila, kanti babezalwe begqamile, futhi behlakaniphile. Bese begcina bethanda ukuthuntubezeka usuku nosuku, ngokuqhubeka bekhula, baqhubeke nokuthuntubezeka. Yingoba siyazibulala izinto zethu zokuhamba, izinto zethu zokundiza, ama-UFO ethu. Ngakho-ke uma sifuna ukusebenzisa lenqola isikhashana eside iphephile, kufanele siyigcine isesimweni esifanelekile. Manje uma ngabe ufaka uphetilomu ungesiwo owayo kuyokwenzekani? Yini eyokwenzeka? Iyohamba nje amanyathelo ambalwa, bese iyama. Ungabeki icala emotweni. Yiphutha lethu nje, sifake ngephutha upetrol ongasetshenziswa yiloluhlobo lwemoto. Noma mhlawumbe upetrol wethu ungenwe ngamanzi, yebo, ingahamba mhlawumbe isikhashana, kodwa izoqala ukuhlupha. Angithi? Noma mhlawumbe u-oyela wethu ungcole kakhulu sangawuhlanza, iyohamba imoto isikhashana kodwa ibe isihlupha. Kwesinye isikhathi ivele iqhume imoto yethu ngoba singazange siyiphathe kahle. Akunjalo?

Ngokufanayo, imizimba yethu ifana nenqola esingandiza ngayo sisuka lapha size siyofika kunaphakade ezingeni eliphezulu kakhulu lobuhlakani besayensi. Kwesinye isikhathi siyawona singawusebenziseli into owawudalelwe yona. Isibonelo, imoto yethu izohamba amamayela amaningi ukuyosibeka ehhovisi lethu,

kubangane bethu, nasemabaleni amahle - kodwa asiyinakekeli, sifaka upetrol okungesiwo, asiwahloli amanzi, asiwahloli amafutha, yonke into. Bese iyaqala ingagijimi kakhulu, ingagijimi isikhathi eside. Bese silokhu sizungeza ingadi, emagcekeni ethu. Nalokho kulungile. Niyakuqonda lokho?

Kodwa nje kungukumosa ukuthenga imoto. Ukumosa imali nje, nesikhathi namandla. Kuphela. Akukho muntu ozobekwa icala. Akukho phoyisa eliyokubophela lokho. Ukuthi nje umosa imoto yakho, kwaphela. Umosa imali yakho ube ungaya kude kakhulu ubone izinto eziningi, ujabulele ubuhle bemvelo.

Kuyafana-ke nalokhu, imizimba yethu yenyama singaphila nayo kulelizwe, kodwa sikuqaphele ukuthi, kulelizimba, sinezinye izitho ezingenza sindizele kude. Njengomshayeli wendiza-mkhathi, i-astronaut, uhlala endiza-mkhathini yakhe. Indiza-mkhathi iyisisetshenziswa sakhe. Kumele aqaphele ukhuthi akayephuli imithetho ye physics, kwenzele ukuthi i rocket yakhe ikwazi ukundiza ngokuphepha ngesivinini. Kodwa lomshayeli ophakathi ubalulekile. Irocket imbeka lapho efuna ukuya khona. Kodwa irocket akusiyo into ebaluleke kakhulu, niyakubona lokho? Yi astronaut, nalapho kuyiwa khona. Uma ngabe elokhu eyisebenzisela ukugcaluza azulazulelapha eLong island, umosa isikhathi. Niyakuzwa lokho? Ukumoswa kwemali yesizwe.

Ngakho-ke, imizimba yethu ilithempeli lalapho kuhlala khona iNkosi yamakhosi. Yikho nje kuthiwa eBhayibhelini: **Awazi yini ukuthi uliThempeli likaNkulunkulu, uNkulunkulu**

uMnimandla onke uhlala ngaphakathi kuwe, umoya oyingcwele, kuyafana konke lokhu. Uma sihlalise umoya oyingcwele noma uNkulunkulu uMnimandla onke, uyabona ukuthi lokho kabululeke kangakanani! Kodwa abantu abaningi lokhu bakufunda ngokushesha nje bangakunaki, bangakuqondi, bangabuboni ubungcwele balomusho, bangazami futhi ukuthi bathole iqiniso. Yikho-ke nje abalandeli bami bethanda ukulandela izifundiso zami ngoba bafuna ukwazi ukuthi yini ehlala ngaphakathi, yini engale kwalomhlaba, ngaphandle kwamishikashika yethu yansuku zonke, ukuhola imali, uketeleka nazo zonke lezizinkinga. Sinobuhle obuningi, inkululeko eningi, ulwazi oluningi ngaphakathi.

Uma siyazi indlela okuyiyo yokuxhumana nalesisimo, konke kungokwethu ngoba sinakho konke ngaphakathi kithina. Uikuthi nje asazi ukuthi sikuphi isihluthulelo, kanti sekunesikhathi esiningi siyikhiyile lendlu manje sesize sakhohlwa ukuthi sinomcebo. Kwaphela nje. Manje ke, lowo obizwa ngoMaster angasisiza ukuthi siwuvule lomnyango asikhombise konke okungokwethu ngokwendalo. Kodwa kufanele sizinike isikhathi singene kuyo sihlale yonke into esinayo.

Yebo-ke, angithi besilokhu sisezweni lesibili. Nisafuna ukuqhubeka? [Yebo! Yebo! Kuphendula abalaleli] Nifuna ukwazi yonke into ngaphandle kokusebenza [Uyahleka uMaster] Kulungile. Kodwa-ke, omunye umuntu oseke waya ezweni anganixoxela ngalo, noma nina ningazange niye. Angithi? Kodwa kuyakhombisa ukuthi ninentshisekelo yokwazi,

mhlawumbe niyafuna ukuya. Kulungile. Manje, emuva kwelizwe lesibili... Angikuqedile konke oku kulelizwe lesibili belu, kodwa niyazi ukuthi asikwazi ukuthi sihlale lapha ilanga lonke. Ngakho-ke, emuva kwelesibili, ungabanawo amandla. Uma uzimsele ukulisebenzela, ungaya kwelesithathu.

Lelolizwe ekuthiwa ngelesithathu liyisinyathelo esingaphezudlawana. Oya lapho, kufanele abemsulwa, ungabinasikweletu salelizwe okungenani. Niyakuzwa lokho? Uma sikweleta inkosi yalomhlaba wenyama, asinakukhuphuka. Njengoba uma uyiselelesi sezwe elithile, igama lakho alilihle emabhukwini, ngeke uweqe umngcele uye kwelinye izwe. Ngakho-ke, isikweletu salelizwe sididiyela izinto esazenza esikhathini esidlule namanje mhlawumbe nasezinsukwini ezizayo zokuphila kwethu emhlabeni. Manje zonke lezizikweletu kumele siziqede, njengoba sidlula kwa-customs-emaphoyiseni omngcele- ngaphambi kokuthi siye ezweni elingaphambili.

Kodwa uma sesisezweni lesibili, uqala phans umsebenzi, uyakubona lokho, kuyo yonke i-karma yesikhathi esidlule nesalempilo yamanje.

Omater banezigaba ezimbili. Omunye ongenayo i-karma, kodwa ayiboleke ikarma ukuze ehlele emhlabeni; lona omunye ufana nathi, abantu abajwayelekile, kodwa abane-karma ehlanziwe. Ngakho-ke, wonke umuntu angaba yilaba ekuthiwa ngama master, uyabona, umaster wesikhatni esizayo. Kwesinye isikhathi umaster uyehlika ezweni eliphakeme ngekarma

ebolekiwe. Kuzwakala kanjani kuwe lokhu, ukuboleka ikarma? [Uyahleka uMaster] Kuyenzeka, Kuyenzeka.. Ukulinganisa nje, ngaphambi kokuthi wehlike uze lapha, wawukade ukhona esikhathini esiphambili. Yebo? Wanikeza wathatha nabantu abehluka-hlukene eminyakeni eminingi noma emakhulwini eminyaka eminingi. Bese uyabuyela ezulwini noma lapho uhlala khona kude, emazingeni ahlukene, okungenani ezingeni lesihlanu. Leyo yindlu ka master, izinga lesihlanu. Kodwa ngaphambi kwalokho kunamanye amazinga, kulungile!

Manje uma ngabe sifuna ukubuya futhi ngenxa yesihawu, noma mhlawumbe umsebenzi othile esithunye wona ngu Baba uma ngilinganisa, siyehlika. Kanti ngenha yokuzwana nabantu abasesikhathini esedlule, singaboleka ngegama labo uyabona, i-karma. Isikweletu nje kuphela, hhayi okunye ngabantu. Singaboleka ngesikweletu kodwa sibuye sikhokhe, uyabona, ngamandla ethu omphefumulo, kancane size siwuqede umsebenzi esiwuzele kulelizwe. Ngakho-ke, lona, ngumaster wohlobo olwehlukile, angithi? Kanti-ke kukhona abanye abakulelizwe, emuva kokufunda, baba ngo master masishane khona lapha, njengoba usuke uthweswe iziqu.

Yebo, ngakho-ke, njengase university njengoba sino proffessor sinabafundi abethweswa iziqu, babengoprofessor ngemuva kwesikhathi. Uzwa kahle? Kunoprofessor asebe mnkantsh'ubomvu, kanye nabasanda kugcotshwa njalo-njalo. Ngokufanayo, kuno master abanjena nakulenkundla.

Manje-ke, uma sifuna ukuya ezweni lesithathu, kumele sibe msulwa singabi namithonseyana ye-karma. I-karma ngumthetho othi **“Uyawuvuna lokho okutshalile”**. Ehhena? Njengoba sitshala imbewu yom-orinji, sithola ama-orinji, imbewu ye-apula, sithola ama-apula, lokhu-ke kuthiwa yi-karma. Yigama leSanskrit lesici nokujeziswa - cause and retribution. Ibhayibheli alikhulumi nge-karma kodwa lithi, **Uyawuvuna lokho okutshalile**. Kuyafana lokho.

Ibhayibheli liyindlela efinqqiwe yezifundiso zikamaster, nangalena kwalokho-nje, impilo yaKhe, kwakungefinqqiwe. Ngakho-ke, asinayo incazelo egcwele eBhayibhelini. Kanti izinhlobo eziningi zamaBhayibheli zincweliwe lapha nalaphaya ukuze zihambisane nezifiso zalabo baholi bezinhlango; -belu iningi lalabo baholi elingave linayo inkolo ezikile. Uyazi ukuthi kuyo yonke indlela yokubeka into, abantu bayathenga bathengise yonke into. Ababambeli - brokers - ...kunababambeli kuyo yonke imikhakha yempilo. Kodwa iBhayibhele, iBhayibhele leqiniso, siyazi ukuthi lona lithanda ukwehluka kancane, lithanda ukubalide kancane liyishaya esikhonkosini kanti kulula ukuliqonda. Ngenxa yokuthi asikwazi ukukuqinisa okuningi kulo, siyaye sikhethe ukungakhulumi ngakho bangaze abantu bathi siyajivaza ngoNkulunkulu. Ngakho-ke, siyaye sikhulume ngezinto esingaziqinisa.

Usuyangibuza-ke wena: “Ukhuluma ngalelizwe lesibili, elesithathu nelesine. Ungakuqinisekisa kanjani lokho?” Hhayi-ke, Ngingakwenza lokho!

Ngingakubonakalisa. Uma uhambisana nami, endleleni efanayo, siyobona izinto ezifanayo. Uzwa kahle? Kodwa uma singahambisani, angeke ngikwazi ukubonakalisa kuwe. Akujiki lapho. Akujiki lapho. Ngakho-ke, njengoba ngize ngikhulume ngalezizinto, kwenziwa ukuthi nginobufakazi. Sinobufaka ngamakhulu ezinkulungwane zabalandeli emhlabeni wonkana. Ngakho-ke, sikhuluma ngezinto esizaziyo. Uma ngilinganisa nje, uma siya ku... kodwa lapha kufanele uhabisane nami... kumele uhambe. Ngaphandle walokho ngeke uthi, "Yehheni! Ngihambele, ungitshele, ungikhombise yonke into." Ngeke ngikwenze lokho.

Naku umzekeliso, uma ngingekho e-United Nations kulendlu, akukhathaleki noma ungangitshela kangakanani ngalendlu kodwa angizange ngibekhona zinqotho zami. Angithi? Manje-ke kufuneka sihambe nanoma ngubani onolwazi lwalendlela. Kulendlu, nginabalandeli bezizwe ezahlukene, sebeke banqwamana nezinye zalezizinto enginitshela ngazo, ingxenye, abanye ngokugcwele. Kunjalo, kunjalo. Ngakho-ke, uma usufike kwelesithathu izwe, akusho ukuthi usuphuthule konke. Lokhu enginitshela kona nje, yingxenye yayo yonke into. Wuhlobo nje lwendaba yokuhamba, eqondene nezigatshana ezincane engajulile. Noma sifunda incwadi ngezwe elithile, akusilona izwe luqobo lalo. Angithi? Sinezincwadi eziningi zokuhamba zamazwe amaningi emhlabeni, kodwa siyaye sifune ukuziyela khona. Angithi?

Siyazi ngeSpain neTenerife neGreece kodwa lokhu sikubona ebhayisikobho noma sifunde izincwadi. Kufanele siziyele khona thina mathupha sizitike ngobumnandi bokuba khona, nokudla kwakhona, namanzi acwebile olwandle lwakhona kanye nesimo sezulu esihle sakhona, nabantu abanobungane kanye nomoya owemboze izwe lakhona esingeke siwuthole ngokufunda izincwadi.

Manje, ake sithi-ke usudlule ezweni lesithathu yini enye ekubhekile? Ngokungangabazeki uya kwelingaphezi kwalokho, elesine. Leli lesine, lingale kwalokhu okujwayelekile. Asikwazi ukusebenzisa ulimi olulula ukuchaza zonke lezizinto kubantu abangaqeqeshiwe, ngokwesabela ukuphatha kabi amakhosi alelolizwe. Ngoba lelolizwe lihle ngendlela emangalisayo, noma kukhona izindawo zakhona ezimnyama bhuc, ezimnyama ngaphezu kwe New York ecishelwe ugesi ebusuku. Usuwake wahlengabezana nedilobha elicishelwe ugesi lonke ebusuku? Yebo! Kumnyama ngaphezu kwalokho! Ngaphambi kokuthi ufinyelele ekukhanyeni, kumnyama ngaphezu kwalokho. Yindawo okungafuneki muntu kuyo. Ngaphambi kokuthi siqondane nolwazi lukaNkulunkulu, siyamiswa lapho. Kodwa uma uhamba nomaster, umaster onolwazi, ungalula, ngaphandle kwalokho, ngeke uyibone indlela kulolohlobo lezwe.

Uma sifika kumazinga ahlukeni, amazinga okuphila. Sesihlangabezane, - hhayi izinguquko zomoya kuphela kodwa nezenyama, ezomqondo, nayo yonke enye into empilweni yethu. Impilo siyibuka ngendlela eyehlukile, sihamba ngendlela

eyehlukile, size sisebenze nangendlela eyehlukile. Ngisho umsebenzi wethu imbala, umsebenzi wethu wazo zonke izinsuku uba nencazelo eyehlukile futhi siyazi ukuthi yini sisebenze ngalendlela, kungani kufane sibe kulomsebenzi, kungani kufanele sibe kulomsebenzi, noma kufanele ngani siwushintshe lowo msebenzi. Siyayazi injongo yethu yokuphila, ngakhoke asizizwa sinosikisiki nobuyaluyalu, kunjalo! Kodwa sihlala silindile ngokuthula, ngesineke ukuthi umsebenzi wethu emhlabeni uphele, ngoba siyazi ukuthi siyaphi ukulandela lapho. Sikwazi lokho sisaphila. Yilokhu okuthiwa “wukufa uphila”. Yebo, yebo! Ngiyethemba ukuthi abanye benu sebake bakuzwa lokhu, phambilini, kodwa angazi noma kukhona yini omunye u master ongakhuluma okwehluke kulokhu, [uMaster uyahleka] ngaphandle kokuthi kumele sibe nolwazi lobumnandi bolwazi lwangaphakathi.

Ungayichaza kanjani iMercedes Benz ngendlela eyehlukile? Akunjalo? Kumele ukuthi ifane. Ngakho-ke, wonke umuntu oneMercedes Benz, oyaziyo iBenz, angachaza ngokufanayo, angithi uyezwa, kodwa incazeloleyo akusiyo iBenz.

Ngakho-ke, noma ngikhuluma nawe nje ngolimi olujwayelekile, kodwa lezizinto akuzona ezijwayelekile, yilezi okufanele sizazele thina zinqotho zethu, ngokusebenza, nangeqiniso nangokuholwa. Kuphephile ngaleyo ndlela... Noma kungenzeka mhlawumbe esikhathini esisodwa kweziyisigidi ukuthi sizenzele thina ngokwethu. Kodwa kunengozi enkulu kuyilapho imiphumela kwesinye isikhathi ingenao isiqiniseko, akuphephile neze.

Abanye babantu esikhathini esidlule... njengo Swedenborg nje. Wazikhuphukela yena ngokwakhe. Noma mhlawumbe u Gurdjieff, ekwakuthiwe uzihambele yedwa, nembala bazihambela bodwa. Kodwa uma ngifunda ngabanye. Kulomsebenezi, babesengozini nenkathazo enkulu. Akuvamisile ukuthi iningi labo lifike eqophelweni eliphezulu.

Manje, emuva kwalokho, uya ezingeni eliphezulu. Emuva kwelesine, uya ezingezi elingaphezu kwalokho. Umuzi wo master ekuyizinga lesihlanu, bonke omaster baphuma lapho.

Noma amazinga abo engaphezu kwawesihlanu, bahlala lapho. Kusemzini womaster. Ngaphambi kwalokho kunezinhlangothi - aspects - ezingingzi zikaNkulunkulu ekulukhuni ukuziqonda. Ngiyesaba ukunidida imiqondo, mhlawumbe ngiyobuye nginixoxele, mhlawumbe emuva kokugcotshwa kwenu lapho niyobe senilungele ukuthi nginganitshela. Ngiyonitshela izinto ezimangalisayo ngemicabango yenu. Ukuthi kwesinye isikhathi iphaphalaza kanjani ngamasu kaNkulunkulu.

Ngiyoyithokozela imibuzo uma ngabe ikhona, ngiyokuthokozela futhi ukuthi ningijikijele ngaphandle kwehholo, uma ngabe kade nginicefezela. [Uyahleka uMaster]. Ikhona imibuzo? Ehhena, Yebo. Ngicela ume kancane. Kulungile. Cha, cha, ngicela ulindele i-microphone khona abantu bezozwa ukuthi uthini.

Q. Uthe umaster uyakwazi ukuboleka i-karma yomunye umuntu. Ngalokho i-karma bese iyasulwa kulababantu. Yini eyenzekayo kulabo bantu?

M. Yebo, yebo, yebo. Oh! umaster angasula i-karma kanoma ngubani. Uma ngabe kuyilokho afuna ukukwenza. Okuseqinisweni, kubo bonke abalandeli, uma sebegcotshwa, kuyaye kufanele kusulwe yonke i-karma yabo yesikhathi esedlule. Ngikushiya ne-karma esukela manjalo, ukuze sikwazi ukuqhubeka nalempilo, ngaphandle kwalokho sifa khona manje. Akukho karma engaphila lapha. Ngakho-ke, umaster kumele ayisule i-karma egciniwe kuphela, ukuze umgcotshwa lowo abe msulwa, amshiyele nje ingcosana ye-karma ukuze akwazi ukuqhubeka nempilo yakhe, enze lokho ekumele akwenze kulempilo. Emuva kwalokho, kuphelile. Yikho nje engakwazi ukuhamba, ngaphandle kwalokho angahamba kanjani? Noma ngabe umsulwa kulempilo, umsulwa kangakanani? Yona impilo yakhe engemuva kwalokhu? Uyayibona lento? Yebo. Kulungile.

Q. Ngiyabonga.

M. Kuyathokozeka. Unohlonze kakhulu kabi lowo mbuzo wakho. Kungikhombisa ukuthi kade ulalelisile. ukhona omunye umbuzo? Yebo.

Q. Yini inhloso yalomsebenzi waKho?

M. Inhloso yini? Bengingekanitsheli? Ngifuna ukuhambela ngale kwalomhlaba, ngibuyele eMbusweni kaNkulunkulu, yazi ubuhlakani bakho ube ngumuntu ongcono ngisho nakulomhlaba.

Q. Ikhona i-karma kuwo wonke amaziko?

M. Umm, hhayi kuwo wonke amaziko, itholakala ezingeni lesibili kuphela, ngoba umcabango wethu, ingqondo yethu,

i-computer, yakhiwa lapho kuleyomfunda yesibili. Uma sehlika siya ezansi, njalo nje, sisuka ezifundeni eziphezulu siza kulesisifunda esiphansi senyama sizokwenza imisebenzi.

Niyezwa? Uma ngilinganisa nje, ngisho nomaster uyasuka ezingeni lesihlanu aze kulomhlaba wenyama. Bese kufuneka ukuthi adlule ethafeni lesibili lapho afika khona athathe i-computer ayilungiselele ukusebenza kulomhlaba. Njengomtshuzi nje - diver - laba abacwila olwandle. Kufuneka azilungiselele, afune isifonyo-mask-, i-oxygen, yonke into. Noma yena uqobo lwakhe engabukeki kabi kangako, kodwa uma esefake izimpahla zakhe zokutshuza ufana nesele sele, uyayibona leyonto. Siye sibonakale kanjalo kwezinye izikhathi uma sesinale... - computer yethu nezithiyo ezithile zenyama. Ngaphandle kwalokho asibahle go! Noma ngabe ucabanga ukuthi umuhle njengamanje, umubi kabi uma kuqhathaniswa noyikho ngempela. uyayibona lento engiyishoyo? Ngoba zonke lezizinto ekufanele sizigqoke uma sifuna ukutshuza siye ezinzulwini zalomhlaba sizosebenza. Manje uma sesidlule ezingeni lesibili siya phezulu, kufanele sishiye i-computer yethu lapho, asisayidingi emazingeni angaphezulu. Njengoba umtshuzi esefike ogwini lolwandle, uyayishiya i-mask yakhe ye-oxygen nazo zonke izinto ekade ezisebenzisa, abese efana nakuqala engekazifaki lezizinto. Angithi? Akunjalo? Yebo uyaqhubeka uma ufuna. Lapha. Khuluma lapha, sine-microphone eyodwa vo, siyahlupheka.

Q. Ngiyabonga, ngiyabonga Master. Uthe ekugcineni komhlaba wesibili, ngaphambi kokuthi ukhuphuke, uth e yonke i-karma

yempilo yakho eseyedlule, ufika nayo kulempilo futhi?

M. Yebo. Ngoba ayikho i-computer yokubhala yonke into. Siba ne-karma ngoba sinale-computer, umcabango, ingqondo ekufanele iqophe konke okwenzeka kulomhlaba wenyama. Kungakho-nje sinayo. Okuhle nokubi, sikuqopha lapha. Ylokho-ke esithi yi-karma. Yini i-karma? Yizinto ezenzekayo, ezinhle nezimbi, indlela esiphendula ngayo, ulwazi lwethu esiluthola ngokufunda ezimpilweni zethu eziningi. Ngenxa yokuthi sinento ebizwa ngokuthi unembeza, siyazi ukuthi kufanele siziphathe kahle kodwa kwesinye isikhathi senze okubi. Lokho sithi yi-karma. Kanti izinto ezimbi, zinesisindo esibi kithina, njengodoti omningi nje, imithwalo, ngoba imithetho yesisindo - gravity-; isidonsela emuva yenze kubenzima ukuqwala intaba. Niyakubona lokho? Ngenxa yemithetho eminingi yesimilo ebusa kulomhlaba, imithetho eminingi, amasiko, nenkambiso yezizwe ezahlukene, iyasibopha ngalokhu kuqonda ngokubi nokuhle, ukuzinyeza nokubamsulwa. Ngakho-ke. Uma sibonisana nabantu balomhlaba, sibanolwazi lokuhle nokubi, ukubanecala nokungabinalo ngokwemithetho nenkambiso yalelolizwe, imithetho yalelolizwe... Nizwa kahle? Kubayinjwayelo ukuthi sicabange kanjalo, ukuthi sikwenze lokhu, sinecala... senze lokhuya... singabantu ababi... Konke lokhu kuyaqoshwa phansi. Yiko-ke lokhu okubanga ukuthi sishintshe amazwe - transmigrate - sibopheleke emhlabeni wenyama noma mhlawumbe ezweni elithe ukuphakama. Kodwa lingabi phezulu ngokwanele. Asi..., asi... asikhululekile ngokwanele. A silula ngokwanele ukuthi sintante ngaphezu komhlaba. Uyabona? Ngenxa yalomcabango, umcabango ongaphambili - pre conception.

Q. Kusuke kunqunywe isimiso ngaphambili yini ngesikhathi sizalwa, ukuthi siyofinyelela ezingeni elithile ezikhathini zezimpilo zethu ezahluka hlukene?

M. Cha, siyazikhethela ukugijimi noma ukuhamba kancane. Ehena. Uyabona nje imoto yakho uyifaka amalitha ayikhulu kapetrol. Mina angazi ukutha ufake malini emotweni yakho. Angikwazi ukushayela imoto. Kodwa ungagijima ngayo, yebo ufika lapho ufuna ukuya khona, masisha noma kancane. Kulungile. Kukuwena. Yebo.

M. Lowaya mnumzane oseceleni. Oh, usufuna ukukhuluma futhi? Yebo? Cha.

Q. Cha, bengifuna ukubuza Wena nje... izingelosi zikuliphi isinga?

M. Zikuliphi izinga? Oh, kuya ngokuthi luhlobo luni lwengelosi, usho luphi wena?

Q. Izingelosi ezingabalondolozisi - guardian.

M. Oh! Izingelosi ezingabalondolozisi, zingase zibe sezingeni lesibili. Izingelosi zingaphansi kwezidalwa ezingabantu, zinodumo olungaphansi kolabantu. Zisebenzela thina.

Q. Azize zingaqhubeka lapho?

M. Cha! Ngaphandle mazingase zibe zidalwa ezingabantu. Zifisa kabi ukuba ngabantu, uNkulunkulu uhlala kubo. Thina sinawo wonke amalungelo okuthi sibe munye noNkulunkulu, izingelosi azinaowo. Iyadida lento. Ngiyobuye ngikhulume nani ngelinye ilanga. Kulungile! Ziyizinto ezidalelwe ukuthi nathi sizisebenzise, uyabona, izingelosi zezinhlobo ezahlukene.

Ehhene. Buka nje, uma ngabe zenziwe nguNkulunkulu, kusho ukuthi zidalelwe ukusisebenzela, uyayibona lento engiyishoyo? Akufanele... asikho isidingo sokudlula lapho. Uyezwa? Kodwa zingadlula, yebo. Kwesinye isikhathi, into iyenziwa kube kungalungiselelwanga ukuthi ikwazi ukuqhubeka kuleso simo eyisona. Uyabona? Ake ngithi nje, uhleli lapha, uyakwazi ukukhanyisa noma ukucise izibani kuwo wonke umuzi wakho nengadi yakho, ucishe noma ukhanyise i-TV, ngoba wayiqamba wena luqobo lwakho, kodwa lokhu kudalelwe ukuthi kusebenzele wena. Ngoba noma ingcono kunawe kwezinye izinhlangothi, njengoba ikwazi ukuhlala lapha iphathe yonke into ongeke ukwazi ukuyenza ngemizamo yesintu. Lokho akusho ukuthi ingcono kunawe, Uyabona? Idalelwe nje ukuthi isebenzele wena. Noma ingcono kunawe, kodwa ayingcono. Kulungile! Kulungile. Ayisoze yaba yisidalwa esingumuntu, yi-computer. Kulungile.

M. Yebo, mnumzane, yebo mnumzane.

Q. Master Ching Hai, ngifuna ukwazi.. njengoba sisenyameni manje... kungenzeka yini ukuthi sawa ekubeni sikhululwe kulemizimba esikhathini esingaphambili? Sasilokhu sikulesisimo phambilini yini, noma mhlawumbe sasisesimweni esingcono kunalokhu noma sasinje? YiCimo sini esihle noma isimilo esihle ekumele sibe kusona ukuze sisheshe ukudlulela phambili?

M. Ukuphuma emzimbeni wenyama uqhubekele phambili, ah huh. Yebo, singaphuma uma sikwazi ukuthi kwenziwa njani. Yebo. Ziningi izindlela zokushiya umzimba ngemuva udlulele emhlabeni ophambili kunalona. Abanye abayi kude. Kodwa abanye baya kude, abanye baze bafike ekugcineni. Uma

ngihambisana nokuqhathanisa kwami kwezinto ophenyweni okade ngilwenza kusukela ebusheni bami; noma ngisabukeka ngimncane namanje, kodwa ngangimncane kakhulu ngaleso sikhathi, uyabona. Lena eyethu iNdlela, ngengcono kunazo zonke, yebo! Ikwazi ukukuqhuba kakhulu kuze kuyofika ekugcineni. Ziningi ezinye izindlela, uma ufuna ukuzizama ungazizama. Ziningi ezikhona ku makethe, ezinye ziya emhlabeni wezinkanyezi, ezinye zidlule lapho... kwelesithathu noma elesine, kodwa ababangingi abakwazi ukufika kwelesihlanu, kunjalo. Ngako-ke, eyethu iNdlela, eyethu inqubo iyokubeka kwelesihlanu ngaphambi kokuthi sikudedele ukhululeke. Uyabona? Sikudedele uzihambe. Ngaphambi kwalokho, sesinga sondela kolunye uhlangothi lukaNkulunkulu, ngaphambi kwethafa lesihlanu, kodwa akuvamile ukuthi kujabulise yebo. Siyaye sizitshela ukuthi ngokukhuphukela phezulu kuya kubangcono; akuvamisile ukuba liqiniso lokho. Kwesinye isikhathi siyaye singene emuzini wobukhosi omuhle simenyelwe ukuthi sihlale endlini yokuphumula ye-master. Sahlala lapho sinikwa iziphuzo ezibandayo nokudla okumnandi yonke into. Bese sicabanga ukuthi ake singene maphakathi nendlu, sibone nje. Bese singena lapho kugcwele khona yonke imfucu-mfucu nje engelutho. Niyabona? Sibuye singene endlini kagesi engemuva kwendlu buqamamana nendlu, lapho safika khona sabanjwa ugesi safa. Akuphephile ukudlula, singakwenza nje ngoba sifuna ukuphulukundlela nje. OK kulungile.

Q. Master Ching Hai, nginemibuzo emibili. Owokuqala, izinkumbulo zempilo edlule ziphuma kumuphi umhlaba, uma

ngabe unazo izinkumbulo zempilo edlule? Owesibili, izimpilo ezidlule ziqondana kunjani ne-karma?

M. Kunezamanje, kunjalo? Ku-karma yakho?

Q. Kule karma yamanje, nokuqonda kwamanje, ngabe kuyingxenye yalomthwalo owengezezelwe?

M. Yebo, yebo. Kuyaqondana kakhulu. Umbuzo wokuqala, i-karma yesikhathi esedlule iphumaphi?

Q. Izinkumbulo zempilo edlule. Yebo.

M. Uyakwazi ukufunda imilando yempilo edlule, lokho akungabazeki. Umlando wempilo edlule, njengoba senginitshelile, iphuma kurekhodi le-akashic. Yebo. Lokhu kufana nesilulu sezincwadi-library- esezweni lesibili ekungangena noma ngubani okwaziyo ukufinyelela khona. Akusiyena uwonke-wonke okwazi ukungena kulibrary ye United Nations. Kodwa mina ngingangena namuhla ngoba ngicelwe ukuthi ngizokhuluma ku-United Nations. Kulungile?

Akuvumelekile ukuthi noma ngubani angene, kodwa nina ningangena ngoba nihlala khona lapha. Ngakho-ke, ngokufanayo, uma sesikwazi ukuthi singene ezweni lesibili, siyakwazi ukuthi sifunde ngempilo eseyidlule! Futhi uma sesingena ezweni lokuqala, ingxenye yalo, siyakwazi ukuthi sithi nhla, empilweni edlule yomuntu. Kodwa akusilo i-rekhodi eliphakeme noma eliphelele lelo. Manje, zithintana kanjani lezizehlakalo zempilo edlule nalekarma yamanje? Singasho ukuthi lezi yizehlakalo esesizifundile ukuze sikwazi ukubhekana nalempilo yamanje. Uyakubona lokho? Lokhu owakulumbanisa

-assimilated- esikhathini esedlule, uyokusebenzisa kulempilo yamanje. Ngokufanayo, izehlakalo ekade zingathandeki esikhathini esedlule, zingakwenza wesabe, uma ubona uphawu olufana nento owayibona empilweni edlule... ake sithi nje, uma impilo edlule... njengamanje, uyawa lapha ezitebhisini ngengozi ulimale kakhulu, kumnyama, kungabikho muntu okusizayo. Uma usubuya uzohamba ezitebhisini, usuyohlala wesaba, ikakhulukazi uma kumnyama kakhulu ngezansi, kungaba ngumzabalazo ukuthi uyahamba yini noma qha. Noma, uma empilweni yakho edlule, wake wafunda wenza uphenyo olunzulu enkundleni ethile yesayensi. Nakulempilo, uyozithola usenothando kakhulu... uthando kakhulu... Hhayi leligama ligoqa ulimi kakhulu kumaChina [uyahleka]. Ngiyaxolisa. IsiNgisi sami sisezwakala nje? Yebo? [izethameli; Yebo!] Kulungile. Ngiyabonga. Okusho ukuthi usayozizwa ...usenothando ezintweni eziphathelele nophenyo lwesayensi, noma ungaseyena usosayensi manje. Noma yini nje esondelene nezesayensi. Yikho nje uMozart... wayeyingcweti eseneminyaka emine vo. Wasuka waqonda ngqo opiyanweni waduma kuze kube manje. Yebo? Wayeyisihlakaniphi ngoba kade aqala edlala ezimpilweni ezidlule waze wafika ekugogodeni, kodwa-ke wabe eseyafa emuva kwalokho.

Uzwa kahle? Ngaphambi kokuthi afike esiqongweni sobizelo lwakhe, wafa, wangeneliswa ukushiya kuphela... ukushiya ibizelo lakhe ngoba wayewuthanda umculo. Wabe eseyabuya nalolonke loluyalwazi lwempilo yakhe edlule lwabuyela kuye ngoba wayenesifiso esikhulu sokuqhubeka ngenkathi efa. Niyayibona

leyonto? Abanye balabantu bafunda izinto eziningi ezweni lezinkanyezi, noma izwe lesibili ngaphambi kokuthi bazalwe kabusha kulomhlaba. Ngakho-ke, banesipho esikhulu kwezesayensi, noma umculu, noma ezincwadini zokufunda, noma ngeyiphi nje enye into eqanjwayo, engaziwa ngabanye abantu. Uyabona, izinto eziqanjwayo ezingajwayelekile kwabanye abantu abangaziqondi, abangeke baphuphe nokuziqamba, Kulungile? Ngoba sebeke bazibona, bazifunda. Kunezinhlalo ezimbili zokufunda kulelizwe noma kwelingalena. Labo abaphiwe abanobuqavuqavu, njengesihlakaniphi, laba ngochwepheshe abavela kulelizwe elingaphambili, njengezwe lezinkanyezi, izwe lesibili... kwesinye isikhathi ezweni lesithathu, uma ekhetha ukubuya. Yebo? Banobuqavuqavu, Banobuhlakani, Okay? Yebo?

Q. Empeleni uma umuntu esegcotshwe nguWe yini okulindeleke ukuthi ayenze?

M. Kulungile. Yebo, okokuqala, akubizi lutho akukho zibopho futhi, ngaphandle kokuthi kudingeka uzibophe wena uma ufuna ukuqhubeka. Hmm? Imigomo- akufuneki lwazi olungaphambili. Yebo? Akufuneki lwazi njenge Yoga noma ukujula kodwa ungacabangi - meditation. Kodwa kufanele uzibophe ukuthi impilo gakho yonke uokudla imifino nezithelo. Lutho amaqanda. Ubisi lulungile. Yshizi ulungile. Yonke enye into engabulewe ilungile. Noma ungathi iqanda alikakabi yimpilo kufana nokubulala ingxenye yempilo.

Kanti futhi linentwana enokuthambekela ekusimamiseni

amandla aphikisayo. Uyakubona lokho? Yikho nje abantu abaningi benkundla yemlingo eminyama nemihlophe, noma abaningi bevoudoo, labathakathi okuthiwa ngabevoudoo, basebenzisa amaqanda ukuze badonse izilwane kubantu abanamadimoni. Niyakwazi lokho? Niyakwazi? Oh, Kuhle kakhulu! Okungenani nginabo ubufakazi obuseduzane, uma ngabe kungukukhanya kwamasishane, kinina. [Uhleko] Ngemuva kokugcotshwa... isikhathi sokugcotshwa, uzwa ukukhanya nemvunge kaNkulunkulu. Niyezwa? Imvunge yemimoya, ikudonsela ethafeni elingaphezulu lokuzwa. Niyokuzwa unqambothi lwesamadhi - ukuthula okunzulu nenjabulo. Yebo, ngemuva kwalokho-ke, beseniqhubeka nokuzijwayeza emakhaya, uma ngabe nizimsele. Uma ngabe ungazimisele, angikwazi ukukududula, ngeke ngiphinde ngikuhluphe. Uma uqhubeka, ufuna ngikulekelele kuze kuyofika ekugcineni, mina ngizokuqhuba. Uma ungaqhubeki ..ihamba kanjalo lento. Ukujula amahora ambili nengxenyengosuku. Vuka kakhulu ekuseni, Ngaphambi kokuthi ulale, jula amahora amabili; mhlawumbe ingxenyeyehora ngesikhathi sasemini sokudla. Ungasithela ndawana thile ujule ngokuphumuza umqonde - meditate. Sekulihora njalo lelo. Ebusuku bese wenza elinye ihora noma uhhafu we-hora. Ekuseni vuka uzinikezele ihora. Hlela impilo yakho, nciphisa ukubuka i-TV, nciphisa ingevu, nciphisa ukuhlala uxoxe ocingweni, nciphisa ukufunda amaphepha, usunesikhathi esiningi lapho. Yebo kuliqiniso, Sinesikhathi esiningi, kodwa kwesinye isikhathi siyasisaphaza. Njengokujikeleza ngemoto yethu emagcekeni kuyilaphi ingaya

eLong Island, ehena. Kuyananelisa lokho? Noma...? Yebo? Yebo. Akukho nje okunye. Ayikho eminye imigomo enginibekela yona. Akukho lutho olunye ngaphandle kokuzinikezela kwenu kulokuzijwayeza kwempilo yonke yenu. Zonke izinsuku uzwa umehluko okuyisa ebungconweni, nezimangaliso ezehlukene empilweni yakho, hhayi ukuthi usuka uzifunile wena ziyozenzekela.

Niyayibona leyonto? Bese uzwa ngokweqiniso ukuthi linjani izulu emhlabeni, uma ngabe uzimisele ngakho. Iningi lamakhulu ezinkulungwane zabalandeli bethu zibambebele lapho, zisabambebele emuva kweminyaka eminingi, ngoba luya luqhubeka ulwazi lwabo lubangcono ngoba bazimisele futhi bayazijwayeza.

M. Ummm. Yebo. Ehena, wena ophambili, noma ngemuva, umnumzane kuqala, ngiyacela [uMaster uyahleka].

Q. Ngiyacela usichazele ngesimo sokuzwa - consciousness.

M. Isimo sokubakhona (sokuzwa)-consciousness, kulungile. Akulula ukuchaza kodwa ungasebenzisa ukucabanga kwakho ukuthi uzifanekisele. Luhlobo lokuhlakanipha, uyabona, ngokwazi utho oluthile kangcono kuno kade ukwazi phambilini. Yebo wazi into engaphambi kwalomhlaba, kanti wazi into ekulomhlaba okade ungayazi phambilini, kanti futhi wazi izinto ezingi okade ungazazi phambilini. Yilokho-ke ukuzwa. Futhi, uma usuvula lolulwazi, lokhu okuthiwa ukuhlakanipha, uyokwazi ngokweqiniso ukuthi ungubani wena, nokuthi uzokwenzani kulomhlaba, nokuthi yini enye esemhlabeni ongaphambili. Nokuthi ngobani abanye abakhona ngaphandle kwesihlala nabo

kulomhlaba. Uyakubona lokho? Ziningi izinto. Ngakho-ke izinga lolwazi, noma ukwazi, kunguhlobo oluthile lwamabanga ehlukene okwazi, njengokwethweswa iziqu e kholiji. Uma uqhubeka nokufunda, uyaqhubeka nokwazi, uze uyothweswa iziqu. Wenelisiwe? Kunzima ukuchaza into engabambeki, kodwa ngizamile. Isimo sokuba nolwazi, uyabona. Kunzima ukuchaza ukuqonda, ukuzwa., ukubakhona. Uma uya kumathafa aphakeme ehlukene okuzwa, ulwazi lwakho luyehluka. Wazi izinto ngendlela eyehlukile, uzizwa wehlukile nawe. Uzwa ukuthula, ubuncwaba, uthokozile.

Awunazingxaki, yonke into empilweni yakho yazo zonke izinsuku ikukhanyela bha. Wazi ukuthi kufanele uziphathe kanjani izinto, nendlela yokubhekana nezinkinga zakho kangcono. Hmmmm? Noma kubanenzuzo kulo lelithafa lenyama. Nangaphakathi kuwe, ukuthi uzwa kunjani - kwaziwa nguwe kuphela lokho. Kulukhuni ukuchaza lezizinto. Njengoba uganwe yintombazane oyithandayo, ukuthi uzwa kunjani - nguwe kuphela owaziyo. Hmm? Akukho muntu omunye ongakuzwela ukuthi uzizwa unjani. Yebo.

Q. Master Ohloniphekile, siyabonga lokhu kusibonisa kwakho okunzulu. Angazi noma ubungasiza uke Ubhekise ulwazi lwaKho entweni ekunembeza wami. Yini okwenza ukuthi oMaster emhlabeni namuhla basinikeza ithuba lokuthi sifunde masinyane, okwabe kulukhuni kangaka ukukwenza esikhathini esedlule? Ungake uthi qaphu qaphu ngalokho?

M. Yebo, ngoba ngezikhathi zethu, ukuxhumana kungcono. Ngakho-ke, sazi kangcono ngomaster, akusho ukuthi esikhathini esedlule babengekho omaster, kodwa, yayingekho indlela yokuxhumana nabo. Yebo khona, kuliqiniso ukuthi abanye omaster baxhumeke kangcono kunabanye. Kuya ngokuthi yena ufuna ukwenzani, uzimisele kangakanani uku ikezela, noma uzwana kangakanani nabantu bonkana. Kodwa ke, kuyo yonke iminyaka kuhlala kubakhona oyedwa, aba ili, abathathu, abane noma abahlanu omaster. Kuya ngezidingo zalesosikhathi. Thina nje sinalo ulwazi lokubakhona komaster abaningi, omaster bamabanga amaniningi, ngoba kulezikhathi zamanje, sinenhlanhla yokuba nemithombo eminingi yokusakaza ulwazi. Sinotelevision, sinama-radio, sinezincwadi ezishicilelwa ngezigidi, izinkulungwane zezigidi ngesikhathi sisinye. Yebo, ezikhathini zakudala, uma sasifuna ukwenza incwadi, kwakufuneka sigawule isihlahla sonke, sisixhoze ngezimbazo zakudala ezaziphela ngesikhathi nje, ungeke usakwazi ukuphinda uyisebenzise, okufanele uyilole ngamatshe. Kuqoshwa igama ngalinye. Uma ufuna ukuthutha isethi eyodwa yamaBhayibheli, kufuneka uxhaxha lwezimoto, i-convoy. Uya kubona lokho? Amaloli amakhulu uma ngabe wawuneloli ngalezo zinsuku. Kungakho manje sesinolwazi lwamamaster amaningi. Uyabona? Yebo, sinenhlanhla, kuhle lokhu ukuthi kubekhona ...ungazikhethela, uyabona, ukhetha ukuthi ufunani. Akukho muntu ongakukhohlisa athi "yimi umakhonya". Kunjalo, ungaqathanisa usebenzise ukuhlakanipha kwakho, nolwazi uziqokele. "Oh hhayi lona ngathi ungcono" noma "Lowaya

ngimthanda kakhulu.” Ubuso bakhe. “Hawu, lowaya buyesabeka” mubi: [Kuyahlekwa]

Q. Umbuzo wami-ke kuWe ungathi, njengoba usukhulume ngokukhetha, ungamgcoba omunye oseke wagcotshwa ngomunye umaster?

M. Ngingamgcoba, kuphela uma ngabe lowo muntu ekholelwa ngokweqiniso ukuthi ngikwazi kangcono ukumusa ezingeni eliphezudlwana masisha. Ngaphandle kwalokho, kungcono ukuhlala nomaster wakho. Uma uzwa ukuthi usaxhumene naye, ube ukholelwa futhi kuye loyo master. Uma ukholelwa ukuthi umaster wakho ungumpetha kumanjenje, musa ukumshiya. Uma usenokungabaza, ungakakayitholi inkazimulo nemvunge esengike ngakhuluma ngayo, kufanele uzame. Ngoba ukukhanya nemvunge yiyona ndlela okwazi ukukala ngayo amandla kamaster. Uma kukhona umuntu ongakwazi ukuthi akunikeze ukukhanya kanye nemvunge ngaleso sikhathi, akasiye umaster loyo, ngiyadabuka ukuthi ngikusho lokhu. Indlela eya ezulwini igqize ngokukhanya nemvunge. Njengoba uma ngabe uya kotshuza olwandle, kufanele uphathe i-oxygen nesifonyo nazo zonke izinto ezifunekayo. Kunezinto ezithile ezisetshenziselwa okuthile. Yikho nje ubona osanta benomqhele wokukhanya emakhanda abo. Yinkazimulo leyo. Uma uzijwayeza loluhlelo ukhipha imisebe yokukhanya nawe okunjengalokhu okudwetshwa ezithombeni zikaJesu, abantu bayakubona. Uma abantu bekwazi ukubona-psychic, uyazi ukuthi bayakwazi ukukubona lokukhanya okukuwe.

Kungakho-nje imidwebo kaJesu iba nomqhele wokukhanya, kanye noBuddha baba nokukhanya okubazungezile. Uyakwazi ukubabona futhi abantu abasezingeni eliphezulu uma ngabe nawe usukhanyiselwe. [uMaster ukhomba isiphongo saKhe]. baningi abantu abakwazi ukukubona lokho. Bakhona kinina asebeke bakubona lokhu engikhuluma ngakho lapha? Wena? Wabonani?

Q. Ehh, Ngibona izithunzi.. ukukhanya..., ama-aura-

M. Yebo, kodwa ama-aura ahlukile emqheleni wokukhanyiselwa. Ama-aura ayimibala eyahlukile, kwesinye isikhathi abamnyama, kwesinye afane necoffee, uyabona umbala wecoffee, noma abe phuzi noma abe bomvu. Kuya ngesimo senhliziyo yakhe ngalesosikhathi. Kodwa uma ubona umuntu one-aura enamandla omoya, uyabona ukuthi yehlukile. Kulungile? Yebo.

Q. Okuseqinisweni anginawo umbuzo. Bengifuna..., Ngangikade ngenza iyoga yeraja okwesikhashana.

M. I raja yoga. Yebo.

Q. Ngacabanga nami ukuthi ngibona ama-aura, ngisho ukuthi ngaleso sikhathi, ngangingakabi nalo ulwazi olungako, uyayibona lento engiyishoyo...

M. Ngikuzwa kahle.

Q. Ukuqonda.

M. Manje awusawaboni? Uwabona ngezikhathi ezithile nje?

Q. Cha, angisazili ukukhuluma ngijule ngengqondo manje- meditate.

M. Oh, kungakho nje, ulahlekelwe ngamandla akho. Kufanele ubuye uzile inkulumo ujule ngengqondo futhi, uyabona?

Q. Yebo!

M. Uma usakholelwa kulowomgudu obuhamba ngawo kufanele uzile inkulumo ube ungacabangi. Kunosizo okubanalo. Akukho ngozi okungayidala. Kulungile?

Q. Ngibone epheshaneni lakho ukuthi kunemiyalo noma imithetho eyisihlanu. Uma usugcotshiwe, kufanele uphile ngaphansi kwalemithetho eyisihlanu?

M. Yebo, yebo, yebo. Lena yimithetho yezulu nomhlaba.

Q. Angicacelwa kahle ngokuziphatha kabi kobulili - sexual misconduct.

M. Kusho ukuthi usunendoda njengamanje, siza ungacabangi eyesibili.

Q. Kulungile. [ziyahleka izethameli]

M. Kulula kabi. Yenza impilo yakho ingabi nangxaki, kungabibikho zinkinga nokuxabana ngemizwa. Ehhene, kwephula umoya wabanye abantu. Singabaphathi kabi abanye abantu, ngisho nangokomphefumulo. Kunjalo nje kuphela. Sizama ukuzihlukanisa nengxabano. Sihlukane nokuzwisana ubuhlungu benhliziyo, bomzimba, bengqondo kuwo wonke amuntu, ikakhulukazi kulabo abayizithandwa kithina, kunjalo nje. Kulungile? Uma usunaye, ungamtsheli. Kubuhlungu kakhulu uma usumtshela... Zama ukuzixazulula kancane ngokuthula

ungasivumi isono kuye. Ngoba abanye abantu bayaye bacabange ukuthi uma ngabe benomakhwapheni bese beya emakhaya baye kovuma emadodeni noma amakhosikazi abo, lokho ukuhlakanipha futhi kungukuthembeka. Umbhedo loyo. Akulungile. Usulenzile iphutha, yini ubuye nokungcola uze nakho ekhaya ufuno abanye abantu bakuthokozele? Uma engakwazi, akaphatheki kabi kakhulu. Uyayibona into engiyishoyo? Ukwazi iqiniso kubuhlungu. Ngakho-ke siyazama ukuyixazulula leyonkinga ingabuyi yenzeke, kunjalo nje. Kungcono ukungamtsheli enibambiseni naye empilweni, ngoba kuzomphatha kabi. Yebo!

Q. Sengiqaphele ukuthi omaster bomoya abanengi bangabantu abanamancoko. Yini ubudlelwane phakathi komsebenzi womoya nenjabulo. (Humour)?

M. Oh, ngiyabona. Ngiyacabanga ukuthi bahlala bejabule nje, bekhululekile, uyabona, yonke into ayinaso isisindo enhliziyweni. Bayakwazi ukuzihleka noma bahleke abanye, bahleke izinto ezihlekisayo ezikulomhlaba, kuyilapho abantu abanengi bebambeke bemanzonzo bethatha izinto ngamawala. Ngemuva kwesikhathi sisebenza, ngandlela thile siyakhululeka.

Uyazi ukuthini, asisekho qotho manje. Uma sifa kusasa, siyafa, uma siphila, siyaphila, uyabona. Uma silahlekelwe yiyoyonke into, silahlekelwe, uma sinakho konke, sinakho. Yebo sinolwazi olwanele namandla emuva kokukhanyiselwa, okuthi sikwazi ukubhekana nazo zonke izimo esihlangabezana nazo. Asethuswa yilutho. Silahlekelwa ngukwesaba, silahlekelwa lixhala.

Kungakho nje sihlala sikhululekile. Asizizwa sixhumene nalomhlaba. Noma yini esiyitholayo noma esilahlekelayo, akusasho lutho kithina. Uma sithola izinto eziningi, zizuzisa abantu, bese siyabanika; nalabo esibathandayo. Ngaphandle kwalokho, asicabangi ukuthi impilo yethu ibaluleke kangakanani, ukuthi singaze sizabalazele ukuyigcina. Uma siyilondoloza kulungile, kulungile. Akusho ukuthi sihlala embhedeni ilanga lonke, silale embhedeni wezipikili bese sigxila ekuphumuzeni ingqondo - meditate. Kodwa siyasebenza. Niyabona? Uyabona nje mina ngisasebenza, huh!

Ngiyadweba, ngenza umsebenzi wezandla ukuze ngithole ukuphila. Angifuni ukwemukela zipho kunoma ngubani. Imali engiyiholayo iningi kangangoba ngiyakwazi ukusiza abanye. Ngiyabasiza ababaleki, abehlelwe yizingozi nabo bonke labo. Akumele ngani sisebenze? Kodwa sinamakhono namandla amaningi, impilo ilula kakhulu kabi emuva kokukhanyiselwa kangangoba sibona ukuthi asikho isidingo sokukhathazeka. Uyabona? Sizikhululekele nje ngokwendalo. Iqala lapho ke lempilo yokuba namahlaya. Ngiyabona ukuthi kudalwa yilokho, angithi? Ningithola nginamahlaya? [izethameli: Yebo][Uhleko nehlonbe] Yebo. [Uyahleka uMaster] Okusho ukuthi... mhlawumbe ngiwuMaster othile angithi? [Uhleko] Kulungile [uyahleka uMaster] Asithembe ukuthi kunjalo, ukwenzela nina nje, ukuthi anilaleli umuntu ongakhanyiselwanga amahora amabili, nichithe isikhathi senu. Kulungile? Ikhona eminye imibuzo?

Q. Master Ching Hai, kufika uxhaxha lwemibuzo

engqondweni yami. Ngizoyisho yonke, Wena ungayiphendula eminye noma u uyiyeke.

M. Kulungile. Ikhulu nesishiyagalo mbili.

Q. Yimibuzo lena, thina miphefumulo entulayo, esihlala siyibuza bese sithola izincazelo ezitholwa ngokucabangela nemilando, ngingathanda nje ukuthi ngizwe ukuthi uthini ngayo. Owokuqala uthi, "Singobani thina? Ngingubani? Nokuthi ngizithola kanjani ngikulesisimo lapho sengizoze ngiphindele ekhaya". Uyazi, "Ngisukeleni ekhaya, kubaluleke ngani ukuthi ngibuyele ekhaya?" Uke wakhuluma futhi ngokubuyela kuthafa lesihlanu nokungabaluleki kakhulu kokwedlula lapho. Uma ngabe kukhona okungaphezu kwalokho, inhloso yako yini? Kunobudlelwano buni nami uma ngabe kungadingekile ukuthi ngiyelapho? Yimibuzo enjalo nje.

M. Kulungile, owodwa ngesikhathi. Ngibona ukuthi ngizoqala ngokuphendula leliqoqo lemibuzo kuqala. Isigaba sokuqala sithi "Ungubani wena? Uzokwenzani lapha, nokuthi kufanele ngani uphindele ekhaya? Nokuthi yini kube yithafa lesihlanu kungabi ngelesithupha?" Akunjalo? Kulula. Sekuyahlekisa manje. [Uhleko nehloembe] Ake sibuyele kulombuzo wokuthi "Ngingubani?" ungayobuza o-master be Zen abagcwele lapha eNew York. Ungabheka ku Yellow Pages ubathole [Kuyahlekwa] > Angiyena oqondene nalezozifundo. Owesibili, "Uzokwenzani lapha?" Mhlawumbe ngoba uyathanda ukuba lapha, hmmm? Akukho muntu ongasicindezela ukuthi sibe lapha njengoba singabantwana bakaNkulunkulu. Labo ekuthiwa ngabantwana bakaNkulunkulu bafana noNkulunkulu uqobo. Angithi?

Inkosana iyafana nenkosi, yebo ngakwezinye izinhlagothi, icishe ifane nenkosi ngoba kusuke kuzoba yinkosi yesikhathi esizayo. Ngakho-ke uma ifuna ukuba sendaweni ithile, iyoba lapho. Hmm? Siyazikhethela noma sifuna ukuba sezulwini noma sibe kwenye indawo siyozibonela thina.

Kungakho mhlawumbe ukhethe ukuba lapha ekuqaleni, eminyakeni eminingi eseyadlula, ukuzofunda into engajwayelekile kakhudlwana, uyabona into esabisa kakhudlwana. Abanye abantu bayazithanda izinto ezethusayo, uyabona. Uma ngilinganisa... inkosana kunoma ihlale endlini yobukhosi, ungayibona izulazula ehlathini, uyabona. Ngoba iyathanda ukubona izinto zemvelo. Kungenzeka ukuthi kunjalo. Hmm? Kungenzeka ukuthi sase sinesizungu, sikhathele yizulu, ngoba yonke into siyilungiselelwe siyinikelwa ezindlini zethu zobukhosi, manje sifuna ukuzenzela thina izinto. Njengabantu basebukhosini, kwesinye isikhathi bafuna ukuziphekela bengafuni ukuthi izisebenzi sibeseduzane. Bazithele ngotomato juice namafutha yonke indawo, kodwa bayakuthando lokho, uyabona. Kubukeka kungenabukhosana konke lokho, kodwa bayakuthanda. Yebo, yebo, yes. Esinye isibohelo, nginabantu abangishayeleyo. Yonke indawo engiya kuyo abantu bafuna ukungishayelela. Kodwa kwesinye isikhathi nami ngiyathanda ukuzishayelela. Ngizigibelela i-tricycle yami engakhiqizi intuthu, yebo ine plug lika gesi, ihamba amamayela ayishumi ngehora, cha, ama-kilometre ayishumi ngehora. Ngiyathanda ukuhamba kanjalo. Yebo? Ngoba noma yikuphi lapho ngiya khona abantu bayangibona, ngakho-ke kwesinye isikhathi ngiyafuna ukuya

lapho ngingaziwa khona. Nginamahloni umthetho wami, ngaphandle uma ngizoma ngethule izifundo, ngoba sekuthanda ukuba ngumsebenzi manje emuva kokuba abantu bangitakulula bangenza ngaduma kuze kube manje. Angivamile ukuthi ngikwazi ukubaleka, kodwa kwesinye isikhathi ngiyabaleka izinyanga ezimbili, ezintathu. Njengonkosikazi ototoswa yindodabese eyibaleka. Ngiyazikhethela. Mhlawumbe uzikhethele ukuba ube lapha okwesikhashana. Mhlawumbe sekuyisikhathi sokuthi uhambe ngoba usufunde kwanela kulomhlaba, usubona ukuthi akukho okunye ongakufunda, usukhathele ukuhamba. Ufuna ukuphumula.

Hamba ekhaya. Uqale uphumule. Bese uyabona ukuthi usafuna yini ukuhamba futhi noma cha, uthathe uhambo olunezihlo ezingajwayelekile. Kulungile? Yilokho engingakusho njengamanje. Manje kufanele ngani ukuthi uye ekhaya? Yini kube ngelesihlanu, hhayi elesithupha izinga? Lokho kukuwe. Emuva kwelesihlanu, ungaya noma akuphi lapho uthanda khona. Kuse amazanga amanye amaningi ngaphezulu, mhlawumbe kanjalo. Kodwakuthokomele, kundikindiki ukuhlala kwelesihlanu. Kunamanda amaningi ngoku mangalisayo uma uya emazingeni aphezudlwana, into enjengaleyo. Ungahamba okwesikhashana, mhlawumbe ungethande ukuphumula. Mhlawumbe indlu yakho yinhle, kodwa amanye amagumbi endlu yakho ngawokuphumula ube ungafuni ukuphumula lapho unomphela, noma kungaphambi kwendlu yakho. Uyabona, Kufana nentaba, uma ukhuphukela kuya kuba kuhle kakhulu, kodwa akusiyona indawo yokuphumula.

Mhlawumbe injini kagesi womuzi wakho inomsindo, iduma kakhulu, iyashisa, uyazi ukuthi iyingozi. Ngeke uthande ukuba lapho noma ilusizo emzini wakho. Uyakubona lokho? Yilokho nje. Kunemikhakha eminingi kaNkulunkulu esingeke sayiqonda. Siyaye sizitshela ukuthi uma siya ngokukhuphukela phezulu, luzoya nokukhula nothando. Kodwa kunezinhlolo eziningi zothando. Kunothando olunesihluku, uyabona, uthando olunamandla, uthando olupholile, nothando olungakhethe nhlangothi. Kuya ngokuthi silubekezelela kangakanani. uNkulunkulu angasinika amabanga ehlukeno othando. Kulungile. Amazinga ehlukeno anikeza amabanga ehlukeno avela kuNkulunkulu. Kulungile? Kodwa kwesinye isikhathi luba namandla kakhulu. Siziswa... siziswa siklebhukisa okwezidwedwe.

Q. Hi. Ngibona imbhubhiso eningi ekhungethe umhlaba, imbubhiso yobunjalo bemvelo.

M. Yiqiniso lelo.

Q. Unya. Unya ezilwaneni.

M. Yiqiniso lelo.

Q. Bengithanda ukwazi ukuthi Wena ukubona kanjani lokhu, nokuthi ungacebisa ukuthini kubantu abazama ukuzikhulula kulohlaba ngokwendlela yomoya, ukubenza ukuthi bakwazi ukubhekana nezindawo abahlezi kuzona, babhekane nakho konke ukubhubhisa lokhu okukhona. Uyacabanga ukuthi ukuya ngaphambili kwalomhlaba kwanele ukuthi sikwazi ukubona esikushiya ngemuva, noma ubona ukuthi thina esikulelithafa sinomsebenzi wokuzama ukuqeda ukuhlupheka? Kunosizo oluyotholakala?

M. Kuyobanjalo. Yebo kuyobanjalo. Okungenani kithina, konembeza bethu ukuze sazi ukuthi kukhona esikwenzayo, senze okusemandleni ethu ukuthi siphungule usizi ezidalweni esiphila nazo. Nami ngiyakwenza lokho. Lokhu okubuzayo, ngiyakwenza. Sengakwenza, ngiyakwenza ngisazokwenza. Sengike ngakutshela ukuthi izimali zethu zinikezelwa ezinhlanganweni eziningi, kwesinye isikhathi emazweni ahlukene uma kukhona izinhlekelele. Angifuni kodwa ukuzishaya isifuba ngalokho, kodwa ngoba uyabuza... Awubheke nje, sasiza abasePhillipines ngonyaka odlule... ngemuva kwenzilekelele yentaba-mlilo i Mt Pinatubo. Sasiza abesale dengwane ngemuva kwezikhukhula zase-Au Lac, nezase China njalo njalo. Manje sizama ukulekelela ababaleki base-AuLac ukuze siphungule umthwalo we-United Nations, uyabona, inqobo nje uma i-United Nations uma ifuna silekelele. Kodwa siyazama. Yebo, uyayibona leyonto? Sibasiza ngezimali, uma i-UN ifuna futhi, singabasusa lapho bekhona sibabeke kwenye indawo. Uyabona,, Yebo, siyazenza zonke lezizinto osukhulume ngazo, njegoba futhi sesilapha, sesingasale sesicoca ubuhle bemvelo ngendlela esingenza ngayo. Ngakho-ke siyalekelela ekunciphiseni usizi nangemithetho yokulunga yomhlaba. Yebo, ngokwenyama nangokomphefumulo. Yebo. Ngoba abanye abantu abafuni ukuthatha ubumoya kimina.

Bafuna ukuthatha usizo lwenyama kuphela. Ngakho-ke siyabalekelela ngokwenyama. Yilokho esikwenzayo, kungakho kufanele kube nemali engiyiholayo. Kungakho ngingafuni ukuphila ngeminikelo yabantu. Uyabona?

Wonke amadela ami nabalandeli bami kumele basebenze, njengani. Ngaphezu kwalokho ke, silekelela ngokomphefumulo futhi, uyabona, silekelela ngezinsizi zalomhlaba. Kufanele sikwenze lokhu. Akusho ukuthi sihlala kusamadhi lonke ilanga sizijabulise. Loyo nguBuddha (umuntu okhanyiselwe) ozicabangela yena yedwa. Asimfuni lapha. (Uhleko)

Q. Ukhulume ngezinga lapho abantu bazi khona ukuthi banamandla aqhamuka ekwazini. Manje uma ngabe uzwa ukuthi unawo amandla, unolwazi nje lokuthi amandla akhona kodwa ungakwazi ukuwasebenzisa. Ufinyelela kanjani kuwona. Uma ungafinyeleli kuwo wenza kanjani ukuthi usibekezele leso simo? Ubona sengathi inqubo ithatha isikhathi eside ngokomhlaba kube ubona ukuthi ungavele uthandaze noma wenze okunye okuzokunikeza isixazululo esingcono esisheshayo. Lokho kusho ukuthini? Umuntu ufinyelela kanjani kukho ngesibusiso sokuthi kuyophuma kulungile. Uyayibona lento engifuna ukuyisho?

M. Ngiyibona kahle. Ngiyayibona. Okushoyo uthi uma sinawo amandla okuguqula izinto kube sekuthi izinto ezisizungezile zihamba amagwinci gwinci zithatha kancane, ungabanaso kanjani isineke sokukubekezelela, angithi? Noma ungavele uthandaze wenze umlingo noma wenze umlingo, noma uyikhombe ngomunwe nje iduduleke, kulungile? Cha, nginesineke ngoba kumele sisebenze ngesivinini salomhlaba ukuze singawungenisi enxushunxushwini. Yebo. Uyabona ingane ayikwazi ukugijima. Hhayi ngokuthi ujahile ufuna ukugijima lapho uze ukhube ingane iwe. Ngakho-ke kufanele sibe nesineke. Noma sinawo amandla okugijima, siyahamba nengane, yebo. Yikho nje kwesinye isikhathi ngiyaye ngibindeke ngiphelelwe yisineke, kodwa kufanele

ngizifundise ukuba nesineke. Kungako nje kufanele ngiyokhuleka kulepresident nakuleya, ngikhulekela ababaleki, noma sifuna ukukhipha lonke usizo lwemali. Singanikeza yonke into esinayo, izigidi zama dollar noma izigidi-gidi. Kufanele sidlule ohlelweni lombuso ophethwe yizisebenzi zikahulumeni. Nika uKhesare okungokuka Khesare, Uyabona? Ngeke nginikine ikhanda noma ngikhombe umunwe ku-United Nations - ngeke ngize ngibagijimise futhi. Ngeke. Singadala inhlekelele yengozi kulomhlaba uma sisebenzisa imilingo yenyama. Uyezwa. Kumele kuhambe ngendlela ekudalelwe yona. Kodwa siyakwazi ukuthi sikhuphule onembeza babantu ngokulapha ngomoya, ngolwazi lomoya nokuqonda.

Sidlulisele ulwazi kubona ukuthi bazimisele ukukwenza, uyabona bese behambisana nathi. Nanso indlela engcono, hhayi ukusebenzisa amandla omlingo. Angize ngingawasebenzisa amandla omlingo ngenhloso kunoma yimuphi umkhakha wempilo. Kodwa izimangaliso ziyenzeka eduzane nomsebenzi womphefumulo. Lokho kuyindalo, kodwa kusuke kungasophiwe. Uyabona? Ungazami ukududula izinto. Yebo. Akulunganga lokho. Ingane ayikwazi ukugijima. Kulungile? Uyeneliswa yimpendulo yami? Uma ngabe ezinye zezimpendulo sami zingahambisani nawe ngisize umgitshela, ngoba ngingaqhubeka ngichaze.

Kodwa ngiyethemba ukuthi uhlakaniphile ngoba ningabantu abakhehwe emazweni enu ngokuhlakanipha. Ngaleyo ndlela angichazi imininingwane. Isekhona eminye imibuzo? Wena

olaphaya ngemuva. Kuhle ukuthi sine-United Nations, angikuphawule lokho. Yebo. Sinciphisa ukungqubuzana okuningi kwezizwe nezimpi, noma singeze sakwazi ukuthi siziqede nya. Kodwa ngifunda izincwadi eziningi ze-United Nations. Wonke umuntu ungu-United Nations. Sengike ngayilandela eminye yemisebenzi yalenhlangano. Angiyincome imizamo yayo nenkuthalo yokuhlenga abathunjwa lapho wonke umuntu esehlulekile, wonke amandla omhlaba esehlulekile kodwa kwenziwa ngu Commissioner oyedwa we-United Nations. Yebo, nezinye izinto eziningi, usizo lwabavelelwe yizingozi, izinkinga zababaleki. Ngizwa ngokusemthethweni ukuthi kunababaleki abevile ezigidini ezingamashumi amabili. Ngumsebenzi omkhulu kakhulu loyo, nezimpi, nayo yonke into. Kuhle-ke ukuthi sinenhlangano enjenge-United Nations. Yebo! Kuhle Kakhulu.

Q. Ngiyabonga Master Ching Hai ukuthi usabele ulwazi lwakho. Nginombuzo. Umaqondana nokwanda kwabantu emhlabeni wonke, nezingqinamba ezihambisana nalokho, wokuhlukunyezwa kobunjalo bendalo, nokuntuleka kokudla. Kukhona ongathanda ukukusho ngalokhu kwanda kwabantu emhlabeni. Yikarma yomhlaba lena? Noma kuzodala I-karma ethile esikhathini esizayo?

M. Ummm, Kuhle ngenye indlela ukuba nabantu abaningi kulelizwe. Kunani? Kucinane kakhulu, kubenomsindo omningi, nenjabulo eningi. Cha? Akusikho kungukuthi sibaningi kakhulu, okusempeleni. Asisakazekanga nje ngokulinganayo. Abantu

baqoqana ezindaweni ezithile zomhlaba bangafuni ukuya kwezinye izindawo. Yilokho nje kuphela. Ehhene, sinezindawo eziningi ezyizinkangala ezingasetshenziswa. Iziqhingi ekungakaze kuhlale muntu kuzo, uyabona, izindawo ezigcwele amahlathi kungekho muntu lapho. Abantu bafuna ukuzozimpintsha eNew York (kuyahlekwa) ngoba kumnandi lapho. Ngoba uma ngabe uhulumeni noma yimuphi ekwazi ukudala amathuba omsebenzi, nezimboni, uyabona... nemisebenzi nje yezinhlobo ezahlukene ezindaweni ezahlukene abantu bangaya lapho bayosebenza. bazimpintshanisa ezindaweni ezithile ngoba kulula ukuthola imisebenzi lapha nokukhuseleka. Uma ngabe ukukhuseleka, ukuvikelwa nomsebenzi kukhona kwezinye izindawo, abantu bangaya. Bangayela ukulondeka, nokukwazi ukuziphilisa. Lokho kuyimvelo. Ehhena? Asifanele sikwesabe ubuningi kwabantu ngokweqile. Kufanele sizilele ngendlela yokuthi sinikeze abantu abaningi bomhlaba amathuba omsebenzi., nezindlu nokulondeka. Kuyofana yonke indawo. Ngeke sibe nabantu abaningi ngaphezu kokudingekayo. Embuzweni wakho oqondene nokudla, kufanele wazi kangcono. Ngoba lapha eMelika sinolwazi oluningi kabi lokugcina umhlaba. Ayikho eyokwedlula indlela yokudla izitshalo, ukuze kongeke ingcebo yomhlaba, kondliwe abantu bomhlaba wonke.

Simosa ukudla okuningi okuyizitshalo, amandla, ugesi, imithi. Ngoba sifuna ukukhulisa izilwane.

Uzwa kahle? Kuyilapho singondla abanye abantu ngqo. Namanye amazwe amaningi ezizwe ezihluphekayo, bathengisa

ukudla kwezitshalo ezinthiswe ngama - protein ngamanani aphansi. Kodwa lokho akuzisizi lezizihlewele zabantu abakulamazwe ahluphekayo. Kanti ngabe sinikezela ngokulingana lokhu kudla kwezitshalo, hhayi kithina kuphela kodwa nasezilwaneni kanye nakuwo wonke umhlaba. Enye yezincwadi eyenza uphenyo, bathi kimina uma ngabe ngifuna ... uma ngabe wonke umuntu... ngizoyisho kanjani lento... Oh, ngayisho lento ngenkathi ngilapha e-United Nations okokugcina ngayisho lento. Kodwa sengikhohliwe manje. Uma sidla izitshalo, ngeke umhlaba ulambe. Kanti futhi kufuneka sihlele, ehena sihlele. Kunomuntu engimaziyo nje okwazi ukwenza Irice bran ukuthi ibe ukudla okunomsoco, ngisho nanobisi. Sesike sakhuluma ngalokho. Wathi ngama-dollar angu three hundred thousand angondla abantu abangu six hundred thousand e Ceylon - abantulayo, abangondlekile, omama, nabo bonke labo. Kwakuyisimangaliso lokhu. Ngendlela esenza ngayo manje emazweni amaningi kumosakala imicebo yendalo, hhayi ukuthi asinako okwanele. UNkulunkulu wayengeke asibeke lapho sizolamba khona. Okuseqinisweni sizilambisa thina nje. Kufanele sicabange... sicabangisise, sihlele kabusha, lokho kufuna izibusiso zohulumeni abehlukene. Kufanele basibuse ngokwethembeka kwabo okuphelele, ukuhlanzeka, uyabona, kanye nesithunzi nangentshisekelo yokusebenzela abantu hhayi bona. Uma singase sibe nesibusiso salokhu kubo bonke ohulumeni bomhlaba, ngeke sibe nezinkinga. Lutho izinkinga. Kumele sibe nabaholi abaqotho, ukuhlela okuhle komnotho kanye namakhono okubusa nobuhulumeni obuqotho. Kodwa lokho

kungenzeka uma ngabe abantu, noma iningi labuntu noma bonke abantu beka nomoya. Lapho-ke bazobe sebekwazi ukuziphatha ngokuqina. Bayobe sebeyazi imithetho yobulungisa. Bayokwazi ukwethembeka nokuhlanzeka. Bayokwazi ukusebenzisa ubuhlakani babo.

Sesiyozicabangela izinto eziningi okufanele sizenze, sihlele izimpilo zethu kabusha. Niyabona? Uma ngabe ujaha amandla ngemadlana yakho yokudla, noma ngemali eqoqwe emphakathini bese uzama ukuthi uqoqe imali elinganayo futhi ngaphambi kokuthi uphelelwe ngamandla. Akusizi lokho. Akunandaba noma ngabe uhleli phezu kwesiduli segolide, sifa ngokufanayo si hlupheka. Abaholi bamazwe abaningi kufanele bawaqonde amandla abo nezibopho. Kumele bacabange ngabantu, uhlelo balulungise kabusha. Uh! Yebo.

Q. Kuthanda ukuba lukhuni ngendlela engibuka ngayo, ngendlela engibuka ngayo mina, imvamisa yokuhlukumezwa kwemvelo namuhla kungenxa yokukhula kwesibalo sabantu abantula indawo yokuphila, befuna izindlu, nokuphila ngendlela yethu esiphila ku century yamashumi amabili esifuna ukuphila ngayo. Ake sithi amahlathi ase Brazil. Ukuhlukumezwa kwemvelo lapho. Ukugawulwa kwamahlathi lapho, ihlathi lemvula. Umhlaba uphundlwa amahlamvu lokho bese kubanga izikhukhula. Konke lokhu kuxhumene nokwanda kwesibalo sabantu.

M. Yebo, yonke into ixhumene nenye, kunjalo kulomhlaba. Isixazululo silele ezimpendeni, hhayi emahlamvini. Izimpende ukusimama komphefumulo. Uyakuzwa lokho? [Ihlombe] Okumele sikwenze thina ukufafaza umbiko womphefumulo lokhu esikwaziyo, sihlale kuzo izibopho zomphefumulo. Yilento abantu abangenayo. Kulungile ukuzixhuma emshinini kube namalambu athile nomculo onobuzizizi uthole isamadhi. Kodwa uma ngabe ungenaso isimilo sokuzithiba, lawo mandla onawo uwasebenzisela imisebenzi emibi kwesinye isikhathi. Awukwazi ukuwalawula. Uyakubona lokho? Kungakho thina kuleliqembu, sifundisa abantu imithetho kuqala. Imiyalelo ibalulekile.

Kufanele sazi lapho siya khona, siziphathele amandla ethu. Amandla angenaluthando, angenantshisakalo, angenakuqonda ngokubaluleka kwesimilo, akanalusizo lwalutho. Aba ngumlingo omnyama, ohlukomezayo. Yebo usuka lapho lomlingo omnyama. Uyayibona leyonto? Kulula ukuthola ukukhanyiselwa, kunzima ukuhlala nakho. Kulendlela yethu, uma ngabe ungenakho ukuziphatha ube nesimilo esanele, umaster uzokuphuca amanye amandla akho khona ungeke uwasebenzisele okybi wenze izinto ezingasile emphakathini. Uyezwa? Yilowo umehluko. Umaster nguye ophethe izintambo. Amandla kamaster, amandla kamaster, kulungile? Yebo iyangithokozisa yonke lemibuzo yenu enobuhlakani. Ihlakaniphe kakhulu. Abantu benza lezinto ngoba bengahlakaniphile ngokwanele, uyabona, njengokuhlukunyezwa kwezwe lokhu osukhulume ngako, noma ukwenza into ngenxa yokungazi.

Yebo, impande ulwazi, impilo yomphefumulo. Thola ukukhanyiselwa. Yebo nkosikazi.

Q. Umbuzo wami uthi, ngiyazi ukuthi ngiyakuzabalazela ukwenza izinto ezifanele ensebenzweni yami, ngiyazi ukuthi ngilwanento elwa nami. Umbuzo wami uthi, nginganqoba kanjani?

M. Sekufike lapho kumnandi khona-ke manje. Uma into ilula kakhulu, ubokwazi ukuthi isikulahlekele inselele, awuzimisele futhi nangokuphumelela. Yebo. Ngakho-ke, sinamandla amabili lapha kithina ngaphakathi. Siwabiza ngokuthi ngu “yin” no “yang” uma ngisebenzisa amagama e-Orient, nama China. Lokhu sithi ngokuvumelayo, nokuphikisayo ngolwini lwasentshonalanga. Amandla aphikisayo asiphoqelela ukuthi senze into esingafuni ukuyenza, amandla avumelayo aselekelela ukuthi sikunqobe lokho. Kwesinye isikhathi siyehlulwa, kwesinye isikhathi sinqobe, kuya ngokuthi siqeqesheke kangakanani kwezomphefumulo namandla. Zama ukuzabalaza uwe uvuka. Njengomzabalazo we-United Nations nenkinga yababaleki nezimpi zomhlaba. Kwesinye isikhathi uyanqoba ekugcineni, kufuneka umzabalazo. Ngiyanibonga ngokungibekezelela. Nginifisela okuhle.

“Ukugcotswha okuseqinisweni akukhona ukugcotswha... uza lapha nje wena ungivumele ukuthi ngikulekelele ukuthi uzilekelele. Angizelanga ukuzokwenza ukuthi nibe ngabalandeli.. ngizonilekela ukuba nibe ngama Masters.”

~Umfundisi onobuKhosi uChing Hai~

“Wonke umuntu useyakwazi ukujula ngengqondo - meditate - kodwa ingqondo niyijulisela ezintweni ekungezona. Abanye abantu bayijulisela emantombazaneni amahle, abanye emalini, abanye emabhizinisini. Ngaso sonke isikhathi uma unaka ngokugcwele, ngenhliziyo yakho yonke ubhekise entweni eyodwa, yilokho-ke ukugxila ngengqondo. Nginaka kuphela aMandla angaPhakathi, ububele, uthando, nesihawu sikaNkulunkulu.”

~Umfundisi onobuKhosi uChing Hai~

“Ukugcotshwa kusho ukuqala impilo entsha yohlelo olusha. Kusho ukuthi uMaster usekwemukelile ukuba ube ngomunye wabantu abasesigungwini sosanta. Ngakho-ke, awuseyena umuntu nje ojwayelekile, usukhushuliwe. Ezikhathini zakuqala, babethi uku “Bhabhadisa” noma Ukuthola ukukhuseleka kuMaster”

~Umfundisi onobuKhosi uChing Hai~

UKUGCOTSHWA: INDLELA YE QUAN YIN

UMaster Ching Hai ugcoaba abantu abaqotho abanesifiso sokwazi iQiniso, nge Ndelela ye Quan Yin. Izimpawu zesiChina “Quan Yin” zisho ukucabanga ngemvunge evevezelayo - sound vibration. Loluhlelo luhlanganisa nokulula ngengqondo - meditation kukona kokubili, ukuKhanya kwangaPhakathi neMvunge yangaPhakathi. Lolulwazi lwangaphakathi seluchazwe emibhalweni eminingi yezomoya ezinkolweni zomhlaba wonke kusukela emandulo.

Uma silinganisa, iBhayibheli lamaKrestu lithi, **“Ekuqaleni kwakungu Lizwi, Ulizwi waye noNkulunkulu, Ulizwi wayengu Nkulunkulu”** (John 1:1) LeLizwi yiMvunge yangaPhakathi. Isike yabizwa futhi ngokuthi yi Logos, Shabad, Tao, Sound-stream, Naam ne Celstial Music - uMculo oNgcwele. Uthi uMaster Ching Hai, **“Uvezelela kuyo yonke impilo, yiwo ophase umhlaba wonke namazulu. Lomculo ongaphakathi ungapholisa wonke amanxeba, wenelise zonke izidingo, uqede konke ukoma komhlaba. Unamandla onke unothando. Kungenxa yokuthi sensizwe ngaleMvunge, okubanga ukuthi ukuthintana nayo kulethe ukweneliswa ezinhliziyweni zethu. Emuva kokulalela lemvunge, ubuthina bonke buyaguquka, indlela esibuka ngayo impilo iguqukela ekubeni ngcono.”**

UkuKhanya kwangaPhakathi, ukuKhanya kukaNkulunkulu, yikho lokhu okuqukethwe kuleligama elithi “ukukhanyiselwa”. Amandla

ako angasukela ekukhanyeni kwesiphefu aze afike ekukhanyeni kwamalanga ayisigidi. KungokuKhanya kwangaPhakathi neMvunge lapho siqala khona ukumazi uNkulunkulu.

Ukugcotshelwa oHlelweni lwe Quan Yin akusiyo inkambiso yeqoqwana nje, noma umcimbi wokungena okholweni olusha. Ngesikhathi sokugcotshwa, unikezwa izifundo zokugxila ekuKhanyeni okungaPhakathi neMvunge engaphakathi, bese uMaster Ching Hai anikeze "Ukuthunyelwa koMoya" Lokhu kuzwa ukuBakhona okuNgcwele kunikezwa ngokuthula. Asikho isidingo sokuthi uMaster Ching Hai abekhona ngenyama ukuze uvulelwe lomnyango. Ukuthunyelwa yiyona ngqikithi yeNdlela (ye Quan Yin). Amasu okwenza ngokwayo awanakubuyisela kakhulu ngaphandle koMusa ka Master.

Ngoba ungase uzwe Imvunge yangaphakathi, ubone nokuKhanya kwangaPhakathi ngenkathi ugcotshwa nje, lendlela kuyaye kuthiwe "Ukukhanyiselwa Masishane" noma "ngokuphazima".

UMaster Ching Hai wemukela abantu abaqhamuka kuyo yonke imikhakha nezinkolelo ukuthi abagcobe. Asikho isidingo sokujika uhlobo lokholo lwakho noma uhlelo lwezinkolelo. Angeke ucelwe ukuthi ube lilunga lenhlangano ethile, noma wenze noma yini engahambisani nendlelayakho yokuphila.

Kodwa-ke, uzocelwa ukuba ungayidli inyama. Isibophezelo sokudla okutshaliwe impilo yakho yonke sidingekile ngaphambi kokuthi ugcotshwe.

Ukugcotshwa kwenziwa mahhala.

Kufuneka umkhuba wokugxila ngengqondo ngeNdlela ka Quan Yin nsuku zonke, kanye nokugcinwa “kwemilayelo eyisihlanu” ngemuva kokugcotshwa, kuphela. Imilayelo yiyona ekusiza ukuthi ungazilimazi nanoma yisiphi esinye isidalwa esiphilayo. Ukulandela imithetho kuzokwenza nzulu futhi kuqinise ukukhanyiselwa kwakho kokuqala, bese uya ngokufinyelela ezingeni eliphezulu loku Yuswa kabusha noma i-Buddhahood. Ngaphandle kokusebenza zonke izinsuku, uyokhohlwa ukukhanyiselwa kwakho bese ubuyela ezingeni lakho elijwayelekile lokwazi.

Inhloso kaMaster Ching Hai ukusifundisa ukuthi sikwazi ukuzimela, Ngakho-ke. Ufundisa iNdlela engenziwa yinoma ngubani eyedwa, ngaphandle kwempahla eningi, Akafuni balandeli, abakhonzi noma abafundi noma ukwakha inhlango enobulungu obukhokhelwa imali. Ngeke ayemukele imali, ukuthandazwa, noma iziphokwena, ningamniki lezizinto.

Uyokwemukela ukuba gotho kwakho empilweni zonke ~~zinsuku~~ nomkhuba wakho wokugxila ngengqondo meditation ukuze ukwazi ukuqhubekela ekubeni ngusanta.

IMIYALELO EYISIHLANU

1. Ungayithathi impilo yezidalwa ezinemizwa*
2. Ungakukhulumi okungamanga.
3. Ungayithathi into ongayinikezwanga.
4. Ungaziphathi kabi ngokobulili.
5. Ungazithathi izidakamizwa.

*Ukugcinwa kwalomlayelo kudinga abadla izitshalo kupela noma abadla izitshalo nobisi kanye nemikhiqizo yalo

“Umuntu ongcwelengcwele ungumuntu ogcwele. Umuntu ogcwele, ungcwelengcwele. Njengamanje siseyingxenyeyokuba ngumuntu. Senza izinto ngokungabaza, senza izinto ngokuzigqaja. Asikholwa ukuthi nguNkulunkulu osilungisela zonke izinto enzela ukuthokoza kwethu, khona sizokwazi. Sihlukanisa isono nokubamsulwa. Sinehaba kuyo yonke into, bese siyahlulela lapha, sehlulele nabanye abantu. Sihlushwa ukungapheleli kwethu ngokuthi uNkulunkulu kufanele Enzeni. Nizwe kahle? Okuseqinisweni uNkulunkulu ungaphakathi kithina, thina siyamkhinyabeza. Siyathanda ukuzithokozisa sidlale, kodwa asazi ukuthi kanjani. Sithi nje kwabanye, ‘Ah! Akufanele ukwenze lokho,’ bese sithi kithina, ‘Angifanele ukukwenza lokhuya. Mangingakwenzi lokhu. Ngakho-ke kufanele ngani ngingayidli inyama?’ Yebo! Ngiyazi. Angiyidli inyama ngoba uNkulunkulu lo ngaphakathi kimina ufuna lokho.”

~Umfundisi onobuKhosi uChing Hai~

Uma simsulwawa ezintweni esizenzayo, inkulumo, umcabango, ngisho umzuzwana nje, bonke ubuNkulunkulu, amakhosi, nezingelosi ezisilondolozile, ziyosisiphasa. Ngaleso sikhathi;, amazulu nomhlaba ngokwethu, kuyasisingatha, ubukhosi busilindile ukuthi sibuse.”

~Umfundisi onobuKhosi uChing Hai~



Izizathu Zokuthi Abantu Badle Izitshalo

Kufuneka ukuzibophelela impilo yakho yonke ekudleni ukudla okuyizitshalo noma okunobisi ngaphambi kokuba ugcotshelwe ukuhamba ngeNdlela ye Quan Yin. Kuvunyelwe ukudla okuphuma ezitshalweni nasobisini kuleNdlela, kodwa konke okunye ukudla okuphuma ezilwaneni, ngisho namaqanda afuneki kudliwe. Ziningi izizathu zalokhu, kodwa esimqoka kakhulu siphuma emYalelweni wokuQala, ositshela ngokuthi masingakhphi umphefumulo wesidalwa esinemizwa, noma **“Umgabulali.”**

Ukungabulali noma ukungalimazi ezinye izidalwa eziphilayo, ngokusobala kunenzuzo kuzo. Okungekho obala kakhulu yiqiniso lokuthi ungalimazi abanye nakho okunenzuzo kithina. Ngoba? Ngenxa yemithetho ye karma. **“Uyawuvuna lokho okutshalile.”** Uma ubulala, noma wenza abanye ukuthi bakubulalele, ukuze ufeze izidingo zakho zokudla inyama, wenza isikweletu sekarma, lesisikweletu kudingeka sigcine sikhokhiwe.

Ngakho-ke, ngomqondo oseqinisweni, ukuphila ngendlela yokudla kwezitshalo, yisipho esizipha sona.

Sizwa singcono, ubunjalo bempilo yethu buba ngcono njengoba isisindo sesikweletu sethu se karma siphunguliwe, bese sithenjiswa ukungena emfundeni enobuhlakani nobukhosi bolwazi lwangaphakathi. Kulifanele lelinani elincane olikhokhayo!

Impikiswano yomoya ophikisana nokungayidli inyama evezwa ngabanye abantu iyadelisa, kodwa kunezizathu eziphoqayo zokudla izitshalo kuphela. Umthombo wazo zonke usemqendweni ovamile. Zihambisana nodaba lwempilo nokondleka komzimba, i-ecology- (isifundo sodlewano phakathi kwezinukunukwane eziphilayo) kanye nobunjalo bemvelo, ubulungisa - ethics, ukuhlushwa kwezilwane, kanye nendlala ekhungethe umhlaba.

Impilo NokoNdleka KoMzimba

Izifundo zokusombuluka kwendalo zisikhombisa ukuthi okhokho bethu babedla uhlaza ngokwemvelo. Isimo somzimba womuntu asidalelwe ukudla inyama. Lokhu kwabekwa ngokusobala endabeni elotshiweyo ngokuqhathanisa umumo womzimba ebhalwe ngu Dr G S Huntingen wase Columbia University. Waphawula ukuthi ama-carnivores - okusho ukuthi izidalwa ezidla inyama, zinamathumbu amancane kanye namakhulu amafushane. Ithumbu elikhulu, ngokujwayelekile liqonde thwishi kanti libushelelezi. Ngokuphikisanayo, iziwlane ezidla izitshalo, zinakho kokubili, ithubu elincane elide, nelikhulu elide. Ngenxa yokuba ne fibre - uhhadla oluncane olukhona enyameni kanye nenxa yokuminyana okuphezulu kwe protein,

amathumbu awasidingi isikhathi esiningi sokugwinya izondlamzimba; kungakho amathumbu ezidli-nyama emafushane kunalawo ezidli-zitshalo.

Isidalwa esingumuntu, njengazo zonke izilwane ezidla izitshalo, zinawo amabili - elide nelincane kanye nelikhulu ithumbu. Sonke, amathumbu ethu esewenke acishe abe ngamanyathelo angamashumi amabili nesishiyagalo mbili (Amamitha angu - eight no half) ngobude. Ithumbu elincane lisongasongiwe izihkhathi eziningi, izindonga zakhona zinamazenga, azikho zibushelelezi. Ngoba made kunalawo atholakala ezidlini-nyama, inyama esiyidlayo, ihlala isikhathi eside emathunjini. Okulandela lapho ngukuthi inyama le ibe isiyavunda yenze ushevu. Loshevu usuke wasoleka ekubeni yimbangela yomdlavuza -Cancer- wenanzi-colon, kanti futhi ukhulisa umsebenzi wesibindi, okungukuhlanza loshevu. Lokhu kungadala i-cirrhosis-ukuqina kwesibindi, nane cancer nje yesibindi.

Inyama ine-urokinase protein kanye ne-urea eningi, enika izinso umthwalo omkhulu, ingawona iwuqede umsebenzi wezinso. Kunama-grams angu fourteen e-urokinase protein kulo lonke I pound 1e steak. Uma kufakwa izilukulukwane ezithwala impilo - cells zifakwa ku urokinase protein eluketshezi, umsebenzi wayo wokwakha umzimba - metabolic function uyoncipha. Ngaphezu kwalokho, inyama ayinayo i fibre - uhadla noma i cellulose, ukungabikho kwe fibre kwenza ukusongelana kwesisu kalula. Kuyaziwa ukuthi ukuqunjelwa kwenza i-cancer yomlomo wenanzi-rectum, noma ama-piles.

I-cholesterol kanye namafutha asenyameni nakho kwenza izifo zenzliziyo. Izifo zenzliziyo yizo ezingungqa phambili ekubulaleni abantu abaningi e United States nase Formosa.

I cancer yisifo sesibili kweziphambili ekubulaleni abantu. Uphenyo seluhlalukise ukuthi ukushiswa nokosiwa kwenyama kwenza isithako semvelo esiyikhemikhali (I- Methycholanthrene) eyi carcinogen -okudala icancer -enamandla.

Ophenyweni, amagundane anikwa le khemikhali aqalwa yizifo ze cancer, ezinjenge cancer yezimila zamathambo-bone tumor-, icancer yegazi, icancer yesisu, njalo njalo.

Uphenyo selukhombisile ukuthi amagundane amancane anceliswa yigudane eline cancer yamabele, nawo azoba ne cancer. Uma kuthathwa izilulukulwane - cells ze-cancer zabantu kujovwa ngazo izilwane, izilwane ziyayithola i-cancer. Uma inyama esiyidla zonke izinsuku iqhamuka ezilwaneni ezinalezizingxaki, bese siyifaka emizimbeni yethu, kunamathuba amaningi okuthi nathi sithole izifo.

Abantu abaningi bacabanga ukuthi inyama ihlanzekile, iphephile, izilaha zonke ziyahlolwa. Ziningi kakhulu izingulube, izinkomo, izinkukuhu, njalo njalo, ezibulawelwa ukudayisa zonke izinsuku ukuthi zingakwazi ukuthi zihlolwe ngazinye. Kulukhuni kabi ukuhlola ukuthi umbengo wenyama unayo yini I-cancer, singasasho isilwane ngasinye. Kumanjenje, izimboni zenyama, uma ngabe kukhona ezikusolayo, zivele zinqume ikhanda, noma zinqume isitho leso esinokufa. Kususwa nje lezozindawo

ezinokufa esele ibe isiyadayiswa.

Umudli wezitshalo odumile uDr J.H. Kellog wathi, “uma sidla ukudla kwezitshalo, asizihluphi ngokucabanga ukuthi lokhu kudla kwabulawa yisifo sini. Lokhu kwenza ukuthi ukudla kuthokozise!”

Ikhona enye indaba egudwini, Ama-antibiotics kanye namanye amadrugs axube nama steroids kanye nama hormone okukhulisa, kuphakathi kokuthi afakwe ekudleni kwezilwane noma zijowwe ngawo. Sekubikiwe ukuthi abantu abadla lezizilwane lamadrugs azongena emizimbeni yabo. Kungenzeka ukuthi lama antibiotics asenyameni anciphisa amandla okusebenza kwama antibiotics kubantu.

Kukhona abantu abakholelwa ukuthi indlela yokudla engafaki nyama ayinawo umsoco ngokwanele.

Uchwepheshe wokuhlinza wase Melika udokotela uMiller, wasebenza lomsebenzi iminyaka engamashumi amane eFormosa. Waqamba isibhedlela, lapho konke ukudla okwakudliwa yizisebenzi neziguli kwakuyizi tshalo. Wathi, “Igundane olunye uhlobo lwesilwane olukwazi ukuzondla ngokudla izitshalo noma inyama ngokufanayo. Uma ngabe kuhlukaniswa amagundane amabili, elinye lidle inyama, elinye lidliswe izitshalo, sithola ukuthi ukukhula nokuthuthuka kwawo kuyafana, kodwa leligundane elidla izitshalo liphila isikhathi eside nokuthi izifo azingeni kalula. Ngaphezu kwalokho, uma lamagundane amabili egula, leli elidla isitshalo lisinda masishane.” Uyaqhubeka, “Imithi esiyinikezwa

yisayensi yamanje isithuthuke kakhulu, kodwa ikwazi ukulapha izifo kuphela. Ukudla kodwa kona kusekela impilo yethu.” Waphawula ukuthi, ukudla okuphuma ngqo ezitshalweni kungumthombo wezondla-mzimba kunenyama. Abantu badla izilwane, kodwa umthombo wokwakha umzimba walezilwane ezizidlayo yizitshalo. Impilo yezilwane eziningi yimfushane, kanti izilwane cishe ukuba zinazo zonke izifo ezitholakala esintwini. Kungenzeka ukuthi izifo zesintu ziqhamuka ekudleni izilwane ezigulayo. Pho, kungani abantu bengazithatheli ngqo izakhamzimba ezitshalweni?” U Dr Miller waphawula ukuthi sidinga nje kuphela ama-cereals - izinhlamvu zezithombo zohlobo lokolweni notshani, ubhontshisi, nemifino ukuze sithole konke ukondleka senzela impilo enhle.

Abantu abaningi bacabanga ukuthi i-protein yezilwane ingaphezu kweyezitshalo, ngoba le yezilwane bathi ine protein ephelele. Iqiniso ukuthi, i-protein yezinye izimila iphelele, kanti unokukuxuba ukudla, kukunikeza iprotein egcwele, uma usebenzise izinhlobo eziningi zokudla okune protein engaphelele.

Ngo March 1988 I-American Dietic Association yamemezela ukuthi: “Kungumbono we ADA ukuthi ukudla kwezitshalo kunempilo, kunezondlamzimba uma kuhlelwe ngokufanele.”

Kunenkolelo engesilona iqiniso lokuthi abantu abadla inyama banamandla ngaphezu kwabadla izithelo. Kodwa uphenyo olwenziwa ngu Professor Irving Fisher wase Yale University kubadli bezitshalo abangu 32 nabadli benyama abangu 15, lwakhombisa

ukuthi abadli bezithelo banamandla okubekezela ngaphezu kwabadli benyama. Wathi abantu mabelule izandla isikhathi eside ngokufinyelela emandleni abo. Umphumela wesivivinyo wacaca obala. Kubadli benyama abangu 15, babili kuphela abakwazi ukuthi baphakamise izandla zabo imizuzu kusukela ku 15 kuya ku30, kodwa kubadli bezithelo abangu 32, bangu 22 abaphakamisa izandla imizuzu esukela ku 15 kuya ku 30, Abangu 15, kwadlula imizuzu engu thirty, abangu 9 kwadlula ihora, abane kwaba ngamahora amabili, oyedwa kwabadla izitshalo waziphakamisa izandla kwaphela ama-awa amathathu.

Abasubathi bebanga elikude abaningi, bayaye badle izitshalo uma sekusondele isikhathi so qhudelwano. U Dr Barbara More, onguchwepheshe ekwelapheni ngokudla kwezitshalo, waqeda umjaho wamamayela alikhulu neshumi ngo twenty seven hours no thirty minutes. Unkosikazi onamashumi ayisihlanu nesithupha eminyaka, wephula wonke ama record abafana abancane. "Ngifuna ukwenza isibonelo sokukhombisa ukuthi abantu abadla ukudla kwezitshalo okuphelele bayothokozela umzimba onamandla, umqondo ohluzekile, nempilo ehlanzekile."

Umdlizi-zitshalo uyayithola i-protein egcwele ekudleni kwakhe? I-World Health Organisation incoma ukuthi ama calories azonke izinsuku abe ngu 4.5% mawatholakale ku protein. Ukolo una 17% wama calories ane protein, i-broccoli ina 45%, irice ina 8%.

Kulula ukuba nediet egcwele ama-protein ngaphandle kokudla inyama. Kunenzuzo eyengezezelwe yokugwema izifo eziningi

ezidalwa ngamadiets agcwele amafutha amaningi, njengezifo zenzhliziyo nezinhlobo eziningi ze cancer. Ukudla izitshalo, ngokungangabezeki, kungungqo shishilizi.

Ubudlelwane phakathi kokudla inyama ngokwedlulele, nezinye, izinhlobo zokudla ezisuka ezilwaneni ezinamazinga aphakeme amafutha -kanye nezifo zenzhliziyo, icancer yamabele, icancer yenzi kanye nama - strokes sekutholakele. Ezinye izifo ezivamise ukujelwa, kwesinye isikhathi zelashwe nge diet yezitshalo enamafutha amancane, zididiyele: amatshe ezinso, i-cancer ye prostate, ushukela, ama-peptic ulcers (izilonda esisiswini) gallstones, amathumbu axukuzelayo, arthritis, izifo zezinsini, acne, pancreatic cancer, stomach cancer, hypoglycemia, ukuqunjelwa, diverticulosis, hypertension, osteoporosis, ovarian cancer, haemorrhoids, obesity ne asthma.

Ayikho into eyingozi empilweni yomuntu edlula ukudla inyama ngaphandle kokubhema.

I-Ecology noBunjalo beMvelo

Ukukhulisa izilwane zikhuliselwa inyama, kunemiphumela yako. Kudonsela ekuphendlweni kwamahlathi emvula, ukukhuphuka kwezinga lokushisa ezweni lonke liphela, ukunukubezwa kwamanzi, ukusweleka kwamanzi, ukudalwa kwezingwadule, ukusebenzisa imithombo yamandla ngokungesikho kanye nendlala ezweni. Ukusetshenziswa komhlaba, amanzi, amandla, nemizamo yabantu ekwenzeni inyama, akusiyo indlela enekhono yokusebenzisa umcebo womhlaba.

Kusukela ngo 1960, u 25% wehlathi lemvula lase Central America selashiswa kuvulwa amadlelo ezinkomo zokuhlatshwa. Sekulinganiswe ukuthi yonke ihamburger engu four ounces eyenziwa ngezinkomo ezidla e rain forest, ilimaza u 55 square feet wehlathi lemvula. Ngaphezu kwalokho, ukukhulisa izinkomo kuyalekelela kakhulu ekukhiqizeni ama-gases amathathu enza ukushisa kweqoqazwe - global warming, yizizathu eziphambili zokunukubezwa kwamanzi, kufuneka amagalani adida usathane angu 2 464 ukuze kutholakale i-pound elilodwa lenyama yenkomo. Kuthatha ama gallon angu 29 kuphela ukukhiqiza i-pound lika tamtisi, kuthathe 139 wamagalani ukwenza i-pound lesinkwa sika kholo. Cishe ukuba u-hhafu wamanzi asetshenziswa e-United States aya ekutshaleni ukudla kwezinkomo nezinye izilwane.

Kungondliwa abantu abaningi kakhulu uma ngabe umcebo lona osetshenziswa ekukhuliseni izinkomo ungasetshenziselwa ekutshaleni ukudla okuzinhlamvana zokondla izindimbane zomhlaba. I-acre lomhlaba lisetshenziselwe ekutshaleni i-oats, likhipha i-protein ephindwe ka-8 nama calories apha indwe ka25, uma ngabe i-oats inikwa abantu kunezinkomo. I-acre lomhlaba elitshale i-broccoli likhipha ama-protein, ama-calories ne niacin eliphindwe kashumi kune acre lomhlaba elikhiqiza inyama yenkomo. Ziningi izibalo ezifana nalezi. Umcebo womhlaba ungasetshenziswa ngekhono elingcono uma lomhlaba osetshenziselwa imfuyo wawuguquliwe wenziwa amasimu okondla abantu.

Ukudla ukudla okuyizitshalo kwenza ube “nyawo-lula kule planet.” Ngaphezu kwalokho uma ngabe uthatha lokho okudingayo kuphela wehlise ukweqisa, kuyokwenza uzizwe ungcono uma wazi ukuthi akudingekile kuthi kufe isidalwa esiphilayo ukuze udle.

Indlala Yomhlaba

Cishe kube u-1 billion yabantu ababulawa yindlala nokungondleki komzimba kule planet. Kufa abangaphezu kuka 40 million ngenxa yendlala, iningi labo ngabantwana. Ngaphezu kwako konke lokhu, ngaphezu kwengxenye yesithathu kokukodwa kwesivuno sokudla okuzinhlamvana, kusuwa ekondleni abantu, kuye kokondla imfuyo. E-United States imfuyo idla u 70% wako konke ukudla okuzinhlamvana okukhiqiziwe. Uma singase sondle abantu kunemfuyo, akekho umuntu ongalamba.

Ukuhlupheka KweZilwane

Uthi ubuwazi ukuthi kuhlatshwa ngaphezu kwezinkomo ezingu 100,000 zonke izinsuku e-United States?

Izilwane eziningi emazweni aseNtshonalanga zikhuliswa “emaplazini ezimboni” - “factory farms.” Lezizikhungo zenzelwe ukhuthi zikwazi ukukhulisa inqwaba yezilwane ezizohlatshwa, ngengcosana yezindleko. Izilwane ziyacinaniswa, zijikwe isimo sazo, ziphathiswe okwemishini yokuguqula ukudla kwemfuyo ukuthi kube yinyama. Yinto ekhona le iningi lethu esingasozwe siyibone ngamehlo ethu. Sekuke kwathiwa. “Uma uke wangena

emadeleni kanye nje, angeke uphinde uyidle inyama yonke impilo yakho." Wathi uLeo Tolstoy, "Uma kusekhona amadele nje, kuyobakhona izinkundla zempi. I-diet yokudla izitshalo, yisivivinyo esiqatha sesihawu." Noma iningi lethu lingakuthakaseli ukubulala, sesithuthukise umkhuba, ophaswe ngumphakathi, wokudla inyama njalo nje, singabi nakucabanga ukuthi kwenzeka njani kulezizilwane esizidlayo.

Ekusukeleni kokuqoshwa komlando, siyabona ukuthi izitshalo bekungudla kwemvelo okudliwa yizidalwa ezingabantu. Izinganekwane zama-Greek nama-Hebrew zakudala zazikhuluma ngabantu ababedla izithelo ekusukeleni. Aba priest be Gibhithe yakudala babengayidli inyama. Ama philosophers odumo ama Greek anjengo -Plato, Diogenes no Socrates bonke babeshumayeza ngokudla izitshalo.

E- India, uShakyamuni Buddha wayegcizelela ngokubaluleka kweAhimsa, umgomo wokungalimazi noma yini ephilayo. Wayebayala abafundi baKhe ngokungayidli inyama, ngoba enzinye izidalwa zizobesaba. U-Buddha waphawula kanje: **"Ukudla inyama ngumkhuba ofundiwe nje, ekusukeleni sizalwe singenalo uthando lwayo." "Abantu abadla inyama banquma imbewu engaphakathi yoMusa omKhulu." "Abantu abadla inyama bayabulalana badlane... kulempilo ngizodla wena, kwezayo udle mina... kuqala kanje njalo nje. Bangaphuma kanjani eziNkundleni EziNtathu (zenkohliso)? - Three Realms"**

Ama-Taoist amadala, amaKrestu amadala, nama-Juda babedla izitshalo. Kuqoshiwe eBhayibheleni eliNgcwele : **“Wabe esethi uNkulunkulu, ngininikeze yonke inhlobo yezinhlavana zokudla, nayo yonke inhlobo yesithelo ukuthi nidle; kodwa ezilwaneni zasendle nazo zonke izinyoni, ngizinikeze utshani namahlamvu ezihlahla ukuthi zidle.”** (Genesis 1:29)
Eminye imizekeliso evimbela ukudliwa kwenyama ebhayibheleni: **“Ungayidli inyama enegazi kuyo, ngoba impilo isegazini.”** (Genises 9:4)

“UNkulunkulu wathi, Ngubani othe bulalani inkabi ne sibhuzazane ukuze ninikele kiMi? Zihlanzeni kuleligazi elingonanga lutho, ukuze Ngikwazi ukuzwa imithandazo yenu; ngaphandle kwalokho Ngiyophedula ikhanda laMi ngoba izandla zenu zigcwele igazi. Phendukani ukuze Nginixolele” U St Paul, omunye wabafundi bakaJesu wathi encwadini ayeyibhalele ama-Roma, **“Kuhle ukungayidli inyama nokungaliphuzi iwayini.”** (Romans 14:21)

Muva nje, abaqophi bomlando bathole izincwadi ezazibhalwe mandulo eseziveze okusha ngempilo kaJesu nezifundiso zaKhe. UJesu wathi, **“Abantu abadla inyama yezilwane baba ngama ngcwaba abo. Nginitshela ngokweqiniso, umuntu obulalayo, uyobulawa. Umuntu obulala izinto eziphilayo adle inyama yazo udla inyama yabantu abafile.”**

Izinkolo zamaNdiya ziyakugwema ukudla inyama. Kuthiwa **“Abantu abakwazi ukuthola inyama ngaphandle kokubulala**

izinto. **Umuntu olimaza izinto ezinemizwa akasoze abusiswa nguNkulunkulu. Ngakho-ke, gwemani ukudla inyama**" (Umlayelo wamaHindi)

Imibhalo engcwele yase-Islam, Ikoran, iyakuvimbela **"ukudliwa kwezilwane ezifile, igazi nenyama."**

Imaster eNkulu yomChina iZen, uHan Shan Tzu wabhala inkondlo eyayiphikisana kakhulu nokudla inyama: **"Phuthuma emakethe uye kothenga inyama nenhlanzi wondle umkakho nabantwana. Kodwa kungani ukuthi impilo yazo ithathelwe ukugcina eyakho? Akunagqondo. Akuna kuletha ukuzwana phakathi kwakho neZulu, kodwa kuyokwenza ukuthi ube yizinsalela zasesiHogweni!"**

Ababhali, abadwebi, ososayensi, ama-philosophers, kanye nabanye abantu abadumile babedla izitshalo. Bonke laba abalandelayo bonke babekwemukela ngomdlandla ukudla izitshalo: Shakyamuni Buddha, Jesus Christ, Virgil, Horace, Plato, Ovid, Petrarch, Pythagoras, Socrates, William Shakespeare, Voltair, Sir Isaac Newton, Leonardo Da Vinci, Charles Darwin, Benjamin Franklin, Ralph Waldo Emerson, Henry David Thoreau, Emile Zola, Bertrand Russel, Richard Wagner, Percy Byshe Shelley, H G Wells, Albert Einstein, Rabindranath Tagore, Leo Tolstoy, George Bernard Shaw, Mahatma Gandhi, Albert Schweitzer, nabanye abaningi. Muvanje, Paul Newman, Madonna, Princess Diana, Lindsay Wagner, Paul McCartney no Candice Bergen, ukubala nje abambalwa.

UAlbert Einstein wathi, “Ngicabanga ukuthi inguquko yesimilo nomphumela wokuhlazeka okwenziwa ukudla izitshalo kunomphumela omuhle esintwini. Ngakho-ke kuyathokozisa kanti futhi kunokuthula kubantu uma bekhetha ukudla izitshalo” Lokhu sekube yiseluleko esenziwa yizicukuthwane ezibalulekile nezazi emlandweni!

UMaster uphendula Imibuzo

Q. Ukudla izilwane kungukubulalala izidalwa eziphilayo, kodwa ukudla imifino akusikho ukubulalala nakho?

M. Ukudla izitshalo nakho kungukubulalala izinto eziphilayo, kuyokwenza ukwakhela okuthile kwekarma, kodwa umphumela mncane kakhulu. Uma usebenzisa iNdlela ye Quan Yin amahora amabili nengxenyane ngosuku, ungasisua lesisisindo se-karma.

Njengoba kufanele sidle ukuze siphile, sikhetha ukudla okusishiya nonembeza omncane, futhi zingabuzwa ubuhlungu kakhulu. Izitshalo zino 90% wamanzi, ngakhokhe izinga lazo lokuzwa liphansi kangangoba azibuzwa ubuhlungu. Okunye, uma sidla imifino, asizinqumi izimpande, okungenani, siyazithena abaqabunga kuze zikhule kabusha. Umphumela wokugcina kungaba nenzuzo esitshalweni. Abalimi bezitshalo bathi ukuthena izihlahla kuzenza zikhule zibe zinkulu zibe zinhle.

Lokhu kucaca kakhulu ezithelweni. Uma isithelo sesivuthwa, sidonsa abantu ukuthi basidle ngonqambothi lwephunga laso, umbala omuhle nokunambitheka okumnandi.

Kungalendlela lapho izihlahla zezithelo zikwazi ngazo ukwanda ngezinhlamvu endaweni ebanzi. Uma singazicoshi sizidle, izithelo zizovuthwa kakhulu bese ziwela emhlabathini zibole. Imbewu izositheka elangeni yilesisihlahla esingaphezu kwayo bese isiyafa... Ngakho-ke ukudla imifino nezithelo yinto yendalo, okungaziletheli ubuhlungu nhlobo.

Q. Imvamisa yabantu bazi ukuthi abadla imifino bafishane, bazacile; abadla inyama bade, bakhulu, Kuyiqiniso lokho?

M. Abadla izitshalo akusilona iqiniso ukuthi bazacile, bafushane. Uma ngabe i-diet yabo ilinganisiwe kahle bangakhula nabo babe bade babe namandla. Njengoba ubona zonke izilwane ezinkulu ezinjengezindlovu, izinkomo, izindlulamithi, izimvubu, amahhashi njalo njalo zidla kuphela izitshalo nezithelo. Zinamandla ngaphezu kwezidla inyama, zizothile kanti zilusizo esintwini. Kodwa izilwane ezidla inyama zinesihluku kanti azilusizo lalutho. Uma abantu bedla izilwane eziningi nabo bazoba nenembe yezilwane nobunjahlo bazo. Abantu abadla inyama abave bebade benamadla, kodwa isikhathi sabo sokuphila sifushane ngokuvamisile. Ama-Eskimo cishe ukuba adla inyama kuphela, kodwa made, anamandla? Anempilo ende? Lokhu engathi nikuqonda kahle.

Q. Abadla izitshalo bangawadla amaqanda?

M. Cha. Uma sidla amaqanda sibulala izidalwa futhi. Abanye bathi amaqanda atholakala ezitolo awanayo impilo, ngakho-ke ukuwadla akukona ukubulala into ephilayo. Lokhu kubukeka engathi kuliqiniso. Iqanda lihlala lingenanzalo ngoba kuphela

isimo sokuthi lingazala sigodliwe, ngakho-ke iqanda alinakuyiqeda inqubo yalo lokuthi ligcine likhiphe ichwane. Noma lingenalo ichwane, kodwa lisenawo lawomandla angaphakathi empilo adingekayo. Siyazi ukuthi amaqanda anamandla empilo engaphakathi - innate life force; uma kungenjalo, yini kube ngama ova kuphela kungukuphela kwezilukulukwane - cells ezingazaliswa? Abanye bathi amaqanda anezakhamzimba ezidingekayo, ama-protein ne phosphorous, ekudingeka emzinjeni womuntu. Kodwa i-protein iyatholakala kubhontshisi, ne phosphorus kuzo zonke izinhlobo zemifino njengamazambane.

Siyazi ukuthi kusukela mandulo kuze kube manje, kunamadela amaningi amakhulu ayengayidli inyama namaqanda, aqhubeka aphila isikhathi eside. Uma ngilinganisa uMaster we Ying Guang wayedla indishi yemifino ne rice kuphela ngezikhathi zokudla, kodwa waphila waze waba no eighty, Ngaphezu kwalokho, isikhuphasha seqanda sine cholesterol, okuyimbangela enkulu yezifo zenzliziyo, umbulali wokuqala eFormosa nase Melika. Akumangazi ukubona ukuthi iziguli eziningi zidla amaqanda!

Q. Isintu sikhulisa izilwane nezinkukhu, njengezingulube, izinkomo, izinkukhu namadada njalo njalo. Kungani singezidle?

M. Manje. Abazali bakhulisa abantwana babo. Abazali banayo imvume yokudla abantwana babo? Zonke izidalwa zinelungelo lokuphila, akukho muntu ongazephuca lelilungelo. Uma sibuka imithetho yase Hong Kong, ngisho ukuzibulala kulicala. Ngakho-ke, kulicala kangakanani ukubulala ezinye izidalwa eziphilayo?

Q. Izilwane zizalelwe ukuthi sizidle. Uma singazidli, zizogcwalisa umhlaba. Akunjalo?

M. Lombono ungubuwula. Ngaphambi kokuthi usibulale isilwane, uyasibuza ukuthi siyafuna yini ukuthi usidle noma qha? Zonke izidalwa eziphilayo zifisa ukuphila, ziyakwesaba ukufa. Asifuni ukudliwa yingwe, ngakho-ke kungani izilwane zidliwe ngabantu? Abantu sebephile nje izinkulungwane ezimbalwa zeminyaka emhlabeni, kodwa ngaphambi kokuthi kuqhamuke isintu, izinhlobo ezithile zezilwane zasezikhona amashumi ambalwa ezinkulungwana zeminyaka. Zawuminyanisa umhlaba? Izinto eziphilayo zigcina imithetho elinganisiwe yobudlelwano bezinto. Uma sekunciphe ukudla, nendawo isincane, lokhu kuyonciphisa ubuningi. Lokhu kugcina ubungako ezingeni elilinganayo.

